# *Icilongo Likhala Ngezwi ElingaQondakaliyo*

Ngiyabonga kakhulu, Mfowethu Demos. Kuyinhlanhla enkulu ukuba lapha kulenhlanganyelo yamaKristu kulobubusuku, ezansi lapha kulelizwe elino-ayisi. Futhi ngishayele ekhaya, esikhashaneni esedlule, futhi kufundumele kakhudlwana cishe ngamazinga angamashumi amabili, enhla lapho eNyakatho, kunoma kunjalo phansi lapha. Bengifanele ngize nalokho. Ngizosheshisa ngiphume bese ngiphinde ngibuye futhi, ngokukhulu ukushesha. Zonke izitshalo zibulawa amakhaza. Ucabangani ngalokho, Creechy na? Yi... [Umfowethu uthi, "Kuyabanda."—Umhl.] Impela kunjalo.

2 Futhi ngijabula kakhulu ukuhlangana nalomelusi okahle, kulobubusuku, nokubona nina bantu. Bengiphakathi nje, emizuzwaneni embalwa. Ngiyenyuka ngivela eTucson, lapho bengifanele ngiye khona namhlanje. Ngishayele ngehla izolo ebusuku, futhi ngingene cishe ligamenxe elesibili kulokhu kusa, ezansi eTucson. Futhi khona-ke bengisenhla usuku lonke, ezansi lapho. Futhi nje ngisukile emizuzwaneni embalwa...Awu, ngingenile, bengiphakathi nje cishe ihora nengxenye, ngiqagele, into ethize efana nalokho, enhla lapha. Futhi ngakho angibanga nakho ukulala okuningi. Kodwa ngizozama ukungalali lapha. Kodwa si—siyajabula ukuba lapha.

3 Lomfana omncane, edlala ngapha ngalamamayikrofoni lapha. Ngihlale phansi lapho, e...esinye sezihlalo zabantwana abancane. Umfana omncane uyafika, wangibuka ngokuxakile ngempela. Ngathi, "Sonke thina bantwanyana singahlala ndawonye, angeke na?" Manje, impela ngiyabathanda labobafo abancane, nokho.

4 Futhi ku, o, kumnandi ngempela ukuba lapha kulobubusuku, nokuba nalezizethameli ezinhle zabantu zimile ngapha. Futhi ngiyethemba manje ukuthi uMfowethu Williams unitshelile konke nga...noMfowethu Rose lapha, ngengqungquthela ezayo. Ngiqagele nijwayelene kakhulu nayo. Ezoba seRamada, kusuka ngqo, ingqungquthela yeBusiness Men. Futhi sibheke isikhathi esikhulu lapho. UMfowethu Velmer Gardner, esimangalisayo, isikhulumi esinomfutho; nabanye abefundisi, uOral Roberts nabaningi, bayoba lapho. Futhi sibheke isikhathi esikhulu eNkosini.

5 Ngiyethemba, ezinye zalezizikhathi, asibe nenkonzo yokuphilisa kuleyo ndawo. Ehhe. Ngingathanda ukuthola uMfowethu Oral, futhi sihlangane ndawonye. Yebo, mnumzane.

Kungeke nje kwaba kuhle lokho na? Lokho kungaba u—ukufohla ngempela kukho, kungeke na? Inkonzo yokuphilisa, ezansi eRamada, lokho kungaba kuhle. Thina . . . Ngakho singahle sikwenze lokho, niyazi. INkosi ingahle isihlinzekele lokho, sibe nenkonzo yokuphilisa. Ngakho sizo . . . Hamba sizungeza manje, sisuka ebandleni siya ebandleni, ukuzama ukusabalalisa izindaba ezinhle, nokuhlanganyela omunye nomunye, nokuba nenhlanganyelo kuwo onke amabandla ehlukene. Yilokho esikholelwa kukho, ukuthi simunye, kuKristu.

6 Ngangikhuluma ngelinye ilanga nodokotela. Ngilungiselela ukuya phesheya kwezilwandle, futhi ufanele ube nokuhlolwa komzimba. Ngakho ngangisekuhlolweni. Futhi wangifaka kokunye kwalokho kushukuma . . . Mina . . . Ningangibuzi ukuthi kuyini. Futhi wathola into exakile. Futhi uyabuya futhi akakwazanga ukukuchaza, futhi wathola umkhandlu wodokotela, futhi akakwazanga nje ukukuqonda lokho. Wathi, "Angikaze ngikubone lokho ngaphambili." Futhi ngakho wangikhombisa isithombe sakho, ukuthi kanjani lapho ukuzwa ngokwejwayelekile, futhi unokuzwa okuncane, futhi kukude le ngokuqhelelana kabanzi. Kodwa waqaphela kokwami kwakundawonye ngqo. Wathi, "Impela ungumfo oyinqaba."

Ngathi, "Bengihlala ngikwazi lokho. Wonke umuntu uyakwazi."

7 Wathi, "Asikaze sikubone lokho ngaphambili." Ngakho wayengitshela ngakho.

8 Ngathi, "Awu," ngathi, "uyazi, ngiqagele iNkosi elungile, ngenkathi Isenza, Isenza nje ngokwehlukile kancane. Asibukeki sifana, ngakho ngesinye isikhathi asenzi ngisho njengomunye nomunye. Kodwa—kodwa Iyakwenza kuYo, indlela yaYo uqobo yokukwenza. Singena nje emshinini omkhulu wokubumba, futhi nje sizohlala sithule, Iyosibumba ngendlela Esifuna sibe yiyo."

9 Futhi a—angazi muntu ongafuna ukuba noma yini kodwa oyikho. Into kuphela sonke esingayifisa . . . Emva kokuba sesisindisiwe futhi saba abantwana bakaNkulunkulu, into kuphela esiyifunayo ukuhamba nje ngokusondela usuku ngalunye. Yilokho esikulangazelelayo, ngaleyonhlanganyelo enkulu. Kumangalisa kanjani! Sewake wama yini ukucabanga nje ukuthi sasiyokwenzani ukuba sasingenakho lokho na? Ini—ini . . . Uma lelothemba elikhulu lingaphumulanga kithi, sasiyokwenzani na?

10 Bengisho, kwelinye lamabandla, nginga . . . Okokuqala, indawo eyodwa, bese kuba enye, futhi ngokuzungeza izwe ngenza ukuphawula ngesinye isikhathi, ngicabanga ukuthi ngingakuphinda ebandleni elifanayo. Kodwa bengiphuma endlini lapho kade ngithe ukucambalala kanzima impela, ngalababantu namhlanje benza lokhu lapha umdanso omusha abanawo, bawubiza ngetwisti, noma enye into. Ngase ngithi,

"Angazi nje, ukuthi yini izwe, abantu bafunelani ukwephula imilenze yabo futhi—futhi baziphathe kanjalo."

11 Ngakho-ke, bekukhona umfo, othi akabe namashumi amabili nesithupha, iminyaka engamashumi amabili nesikhombisa ubudala, ohlangane nami ngemuva, wathi, "Umzuzwana nje, Mnu. Branham."

Ngathi, "Yebo, mnumzane?"

Wathi, "Uyazi, awuqondi nje."

Ngathi, "Ngithemba ukuthi angenzi neze."

12 Ngakho wathi, "Uyabo," wathi, "Ngiyalibona iphuzu lakho." Wathi, "Uyindoda eneminyaka engamashumi amahlanu ubudala. Kodwa ukuba ubunguntanga yethu, bekuyokwehluka."

13 Ngathi, "Awume umzuzu." Ngathi, "Ngangishumayela iVangeli ngenkathi ngangimncane ngeminyaka eyishumi kunawe. Ngisakholwa yileloVangeli elifanayo. Ngathola into ethize ethatha indawo, nokujabula okuningi ekukhonzeni iNkosi kunazozonke izinto udeveli abengazikhiqiza noma kuphi." Yi . . . Kunikeza ukweneliseka.

14 Niyazi, uDavide wathi, ngesinye isikhathi, "Njengendluzele yomela umfula wamanzi, umphefumulo wami womela Wena, O Nkulunkulu."

15 Futhi uma nake nambona oyedwa wabafo abancane, uma kade e—kade elimele; mhlawumbe izinja imbambile, futhi zadluthula esikhulu isiqephu ohlangothini lwakhe, noma okuthize. Uyopha. Futhi, yena, inja ingamthungatha. Ayifani nomuntu. Futhi angayizingela leyonyamazane idiye noma ngabe iyopha noma qha. Futhi ngakho indlela kuphela . . . Uma leyonyamazane idiye yopha, indlela kuphela engaze iphile ngayo ngukufinyelela lapho okunamanzi khona. Futhi uma ingake ize ifike lapho okukhona khona amanzi, iyowaphuza lawomanzi. Iyokunqamula ukopha, futhi—futhi ingabaleka. Ihlakaniphe kakhulu.

16 Kodwa manje ningazibonela, nibona omunye wabafo abancane elimele futhi opha, nokuthi nje ikhanda lakhe elincane libheka kanjani phezulu, nawo wonke umuzwa anawo wokuthungatha ukuthi amanzi akuphi, ngekhala lakhe. Nje, ufanele athole amanzi, kungenjalo abhubhe. Futhi manje ngukufa nokuphila nje, kuye. Yena, nje konke—konke—konke okuncu komkhondo anakho, uyazama, elangazelela. Ufanele awathole.

17 Manje, yileyondlela ebesifanele somele ngayo uNkulunkulu. Niyabo? "Njengendluzele yomela umfula wamanzi, umoya wami womela Wena, O Nkulunkulu." Cashiswa naYe ndawondawo, yisifiso senhliziyo yami. Futhi ngithemba ukuthi lokho kuyisifiso sawo wonke ophakathi lapha kulobubusuku.

18 Futhi manje, ubusuku nobusuku, futhi ngithanda ukubona lokhu. Ubuso obubona kwenye indawo, ububona kwenye. Ngi—ngiyakuthanda lokho. Nina nikhombisa inhlanganyelo yenu, futhi nizwakalisa esikukhonela lapha.

19 Futhi, o, impela ngingathanda ukubona imvuselelo eyifeshini endala ePhoenix. O, he! Lelogama *Phoenix* lingixhuxhumisile kusukela khona impela ekuqaleni ngilifunda, ngalo: iPhoenix, eArizona. Owami, umfana omncane, ngacabanga, "Uma ngingake ngize ngifike kuleyondawana! Ukuba bengingake ngize ngifike lapho, ePhoenix!" Futhi manje ukuyibona, futhi uma silapha siyithola isesigayegayeni ekujuleni kwesono, njengazozonke ezinye izindawo, izivakashi ziwela phakathi; futhi ziphuza, zinedili nokuphuza utshwala ngokweqile, isimilo esibi, yonke into ikhona.

20 Kodwa, nokho, phakathi kwakho konke lokho, uthola amanye amagugu angempela uNkulunkulu awathuntuthile evela kulolugwadule lapha, elikhanyayo emqheleni wabantu bakaNkulunkulu abakhazimulayo. Futhi yilokho engikukhonela lapha, kulobubusuku, ukuzibeka mina uqobo kanye nani bazalwane nani bodade, ukuzama ukukhanyisa ukuKhanya kweNkosi uJesu kwabanye, ukuze batholwe, nabo, kulesisiyaluyalu esikhulu. Nabaningi babo basephandle lapho namanje. Ngenelisekile ngalokho. Basekhona abanye futhi abazongena, futhi sifanele senze konke esingakwenza ukuba sibayise lapho, futhi siphile impilo ezobonisa uKristu.

21 Manje, ngaphambi nje kokuba sifunde indikimba encane yomBhalo. . . Ngingene sekwedlule isikhathi kakhulu ngibhale bhale phansi amanothi ambalwa, esikhathini cishe esiyimzuzu emihlanu. Nentela yemali yenhlangano yamazwe isanda kungithumelela amanye amaritheni, ngidingeke ukuba ngingene masinya, futhi kuzodinga kufakwe isigxivizo saseposini, ngiyacabanga, mhlawumbe namhlanje, nokho. Futhi ngakho ngidingeke ngiye eposini. Futhi ngenkathi ngingena, uBilly uthe, "Kungcono usheshe." Futhi ngakho lapha . . .

22 Ngibe nakho kujikeleza nje, futhi kujikeleza, kujikeleza, nalabobafo. He, o, he! Bakhuluma ngobulungiswa eminyango yasenkantolo. Ngiyamangala ukuthi bukuphi. Yebo. Angikaze ngibubone obunjalo. Futhi babefuna ngikhokhe intela yemali engenayo yonyaka kuwo amasheke enganginikwe wona eminyakeni engamashumi amahlanu edlule, ukuba ngikhokhele izikweletu zomkhankaso, kunokunganga kukho, niyabo, amadola ayizinkulungwane ezingamkhulu amathathu namashumi amahlanu-nanhlanu.

23 Ngathi, "Ngidubuleni nje." Ngingake ngikwenze kanjani lokho na? Ngathi, "Kul'khuni nokuthi ngibe nengaphezu kwamasente ayisihlanu nozuka." Ngathi, "Ngangingake

ngikwenze kanjani lokho na?" Futhi bangibambe ngekhala esondweni iminyaka emihlanu.

24 Ngakho, ngabantu befaka. Njengokuthi, sinomkhankaso, na—nabantu, bayazi ukuthi nje igama lami nguWilliam Branham, bavele nje benze isheke lezindleko. Abefundisi bayakunakekela lokho. Angikaze ngiwuthathe umnikelo empilweni yami. Futhi ngakho bathola... Ngithola i—iholo ebandleni lami, ikhulu lamadola ngeviki.

25 Nalomnikelo... Kodwa wonke umuntu, niyabo, ukuthi bafaka lowo e... Futhi ngokusa okulandelayo, lo—lo—lo—lo owayeyinhloko yekomidi lezimali, wayefika bese ethi, "Mfowethu uBranham, uzofanele usayine lamasheke." Futhi, ngani, ngangivele ngiwasayine nje. Wayewafaka. Bese-ke bahlola konke lokho, futhi akukho nelilodwa isente elake lasetshenziselwa mina uqobo. Kodwa ngenkathi ngisayina lelosheke, bathi kwakungelami. Abantu bangipha lona, bese-ke ngilipha ibandla. O, he!

26 Ngaphatheka kabi ngempela, ekuqaleni, manje-ke ngithola ukuthi wonke umuntu eBhayibelini, ngiyakholwa, owake waphatha isikhundla sokomoya enzela uNkulunkulu, wayexhumene nohulumeni benhlangano yamazwe. Kuhloleni emuva bese nikuthola. Kunjalo. UMose, uDanyeli, uJohane umBhaphathizi. UJesu Kristu wafa ngesandla sikahulumeni wenhlangano yamazwe, phansi kokujeziswa ngokubulawa. UPetru, uJakobe, uJohane, uJohane umambuli, bonke, wonke... Bonke bezwa ukuhlushwa.

27 Ngani na? Yisihlalo sikaSathane. Niyakwazi lokho na? Niyazi, uSathane wathatha uJesu wamenyusa wayeseMkhombisa yonke imibuso, izwe, ngomzuzwana wesikhathi? Wayesethi, "Ingeyami. Ngenza ngayo noma yini engifuna ukuyenza. Niyabo? Futhi ngizoyipha Wena uma Uzowa phansi futhi ukhuleke kimi." Ngakho niyabona ukuthi ingekabani na? Siyakuzonda ukucabanga lokho ngowethu uqobo, kodwa uyiwo.

28 Ngakho Wathi, uJesu wathi, "Suka, Sathane." Wayazi ukuthi Uyoyidla ifa, esikhathini seminyaka eyiNkulungwane. Wayazi ukuthi iyoba ngeyaKhe lapho... Lapho, ukuba lamazwe abebuswa nguNkulunkulu, isikhathi seminyaka eyiNkulungwane besiyobakhona. Kodwa kuyobakhona isikhathi.

29 Bano U.N. neziNhlangano zeZizwe, nayoyonke into, ukuzama ukuletha ukuthula. Kodwa inqobo nje uma uSathane esesesicongweni sakho, nezombusazwe, kuzokwenzekani na? Bayolwa impela nje njengezwe.

30 Kodwa kuyofika isikhathi lapho zonke izikhali ziyotakishwa. Namacilongo ayokhala, nokusa kuse Phakade, kugqamile futhi kucacile. INkosi yethu iyakuthatha

isihlalo saYo sobukhosi. O! Kuyoba khona ukucula; kuyobakhona ukuhlokoma. Futhi kuyobakhona iflege elilodwa, abantu ababodwa, isizwe esisodwa, sikhuluma ulimi olulodwa, lwaseZulwini. Amen. Ngilangazelela lesosikhathi. Futhi ngijonge kulowo mgomo, ngithemba uNkulunkulu, ngoluny'usuku uma sekuphelile, ngingathi . . . SeNgiyamuzwa ethi kimi, "Yenyukela phezulu kakhulu."

31 Ngilapha ePhoenix kulobubusuku eGameni leNkosi. Ngizo—angizukuzama ukuchaza ukuthi kwenzekani. Abaningi benu bantu othatha amateyipu, qinisekani ukuyithola leyo, *Sikhathi Sini, Mnumzane na?* Lokho nje kwakungemva kokuba ngisuke ekhaya. Umbono wangithumela lapha; uthi, angazi ukuthi kuyini . . . Anga . . . Angisiyo indoda edayisa iteyipu, futhi angizigcizeleli lezozinto. Siyawathola, futhi sinebhizinisi leteyipu umhlaba wonke. Le emenweni nandawozonke, banento ethize encane abayifaka ezindlebeni, bayanayo, futhi bangakuteyipa eteyipini, futhi bame lapho futhi bahumushe lokho ngqo olimini. Futhi kuhamba kuzungeza umhlaba.

32 Futhi, kodwa lowo owodwa enganginawo, ukuthi *Sikhathi Sini, Mnumzane na?* Noma, *Yilesisikhathi, Mnumzane na?* Abanye . . . Mina . . . NgoMgqibelo ebusuku, emavikini amathathu edlule, ebandleni. Emva kwayo yonke impilo yami yokubona imibono, angikaze ngibe nanoma yini enje phambilini, empilweni yami. Futhi angazi ukuthi kuyini. Ngilapha nje, kodwa Wangithumela lapha. Angazi ukuthi kuchaza ukuthini. Mina nje . . . Ngilapha nje.

33 Futhi ngifanele ngithembeke futhi ngibeqotho, futhi yileyondlela kuphela esiyoke sifike nomaphi noNkulunkulu, ukuba qotho. Isizathu, abantu bayokwazi. UNkulunkulu uyazi, ekuqaleni, awunjalo, noma ngabe unjalo noma qha. Nabantu bayokwazi. Ngoba, ngesinye isikhathi, kwakukhona indoda izama ukuprofetha. NoNkulunkulu watshela . . . Noma, umprofethi wangempela wayitshela, wathi, "Asikhumbule. Bekunabaprofethi phambi kwethu. Umprofethi waziwa kuphela uma isiprofetho sakhe sifezeka." Ngakho kungcono siqiniseke ukuthi siyazi ukuthi uNkulunkulu washo njalo, ngaphambi kokuba sisho noma yini ngakho. Sethembeke futhi sibeqotho.

34 Manje asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje senzele umkhuleko. Manje asibeke eceleni yonke iminako manje, okwemizuzu embalwa elandelayo. Angazi noma . . . Kuleliqembu labantu elincane elithandekayo lapha kulobubusuku, ngiyazi ukuthi kunalawo magugu ahlezi lapha uJesu ayofike awathathe ngoluny'usuku, ayovuka othulini.

35 Futhi kungahle kube khona abanye lapha ongaqinisekile kakhulu ukuthi ngabe bayoba lapho, noma qha. Ningahle nibe nokudinga ezinye izinto. Uma kunesidingo empilweni yakho kulobubusuku, makwaziswe kuNkulunkulu, njengoba

uphakamisa isandla sakho nje, nje uthi, “Nkulunkulu, Uyazi ukuthi ngichaza ukuthini manje. Futhi ngibusise. Mina, ngiyagula. Ngidinga ukuphiliswa. Ngi—ngiyaphiyaza. Ngidinga ukubuyela enhlanganyelweni. Ngi—ngifuna ukubuya. Ngi—ngiphambukile. Ngiyabuya. Ngifuna Ungisize, kulobubusuku, ukuba ngibuye.” UNkulunkulu anibusise.

36 Baba waseZulwini, manje njengoba sisondela esihlalweni saKho sobukhosi, ngendlela yeGazi. Ngokuba . . . No-Aroni wangena phambi kwe—kwesihlalo somusa, wathatha, kuqala, igazi esandleni sakhe, wayeseya phambili. Nathi, ngokukholwa kulobubusuku, semukela iGazi leNkosi uJesu, futhi siya ngasesihlalweni sobukhosi sikaNkulunkulu, ngesibindi, sazi ukuthi sinelungelo lokuza, hhayi ngokulunga okungokwethu, kodwa ngokwaKhe. IGazi limele ukuhlanzwa kwethu. Futhi ngiyakhuleka, Baba waseZulwini, ukuthi Uzosipha isicelo sethu.

37 Kuqala, singaKucela ukuba usihawukele, usixolela kuzo zonke iziphambeko zethu, njengoba sivuma amaphutha ethu, neziphosiso zethu ezincane, nezono zethu eziyimfihlo, nezono zethu ezingaziwa. Futhi siyavuma futhi njengabefundisi, singabapristi, izono zabantu. Kanye kanye, Nkosi, siyama. Siyabathanda abantu. Sizwa njengoMose ngenkathi eziphosa esikhaleni, ubamba abantu, ulaka lukaNkulunkulu. Ukuveza obala okunje okwakuyikho, kokulunga kukaKristu, ngenkathi uKristu eziphosa Yena esikhaleni, ukusindisa abantu.

38 Futhi, Baba, thina njengezinceku zaKhe, noMoya waKhe ukithi, wonke umKristu phakathi lapha kulobubusuku, ozibamba phambi kwesoni: “Nkulunkulu, bahawukele.” Sikhalela abagulayo nabadingayo, ngalezozandla eziyigugu, abanye babo badala, nabanye basebasha, nabanye baphakathi nendima yempilo, bephakamisa izandla zabo. Wazi konke ngalokho, Nkosi. Sikhulekela ukuthi Uzophendula ngokwengcebo yaKho enkazimulweni.

39 Kwangathi kungabakhona abaningi kulobubusuku, Nkosi, abahambayo besuka lapha, ongenayo, ogulayo, kwangathi bangahamba, besindile, bephilisiwe. Into ethile nje yenzeka, abakwazi ngisho nokuyichaza, kodwa bayazi ukuthi basindile.

40 Kwangathi labo abaphiyazayo bangahamba belungisisiwe, Nkosi, bazi ukuthi sebebuyile futhi bacosha uKristu lapho abaMshiya khona. Kwangathi bangahamba, benze izinhlawulo. Siphe, Nkosi, ukuthi labo abangakaze beze bazothola leyonkululeko eyigugu yokuba ngokhululekile, bajike baphume esibiyelweni, bangabe besaboshwa yizinto zezwe neminako yalokhu kuphila, kodwa wenziwe wakhululeka kuKristu. Siphe khona, Baba.

41 Busisa konke esikudingayo manje, futhi busisa iZwi laKho nenceku yaKho, futhi sizoKunika udumo. EGameni likaJesu siyakucela. Amen.

42 Manje, ukuba besingafunda indikimba yomBhalo, noma umBhalo okwendikimba, njalo, kwabaseKorinte bokuQala isahluko se 14, ivesi le 8, kufundeka kanje, kwabaseKorinte bokuQala 14:8.

> *Ngokuba uma icilongo likhala ngezwi elingaqondakaliyo, ngubani oyakuzilungiselela ukulwa na?*

43 Lena bekungaba yindikimba eyenele ebesingashumayela ngayo amaviki amabili kusukela manje, futhi nokho singayithinti neze imiphetho yayo. Kunento ethize ngeZwi eliphefumulelwe. Uba ulokhu ukuleyondikimba eyodwa njalonjalo. Ungabophela lonke iBhayibheli nayo. Lokho kuqinisile.

44 Ngeliny'ilanga umfo wangibuza, wathi, "Ungayithatha kanjani indikimba efanayo na?"

Ngathi, "O, he! Uthatha ingqikithi yanoma yini kuyo."

45 Ngacosha isithombo esincane esidliwa yimfuyo esinamaqabunga amathathu silele phansi emhlabathini, ngase ngisiphakamisa. Indoda ihlezi lapha kulobubusuku, yaseTucson. Futhi sasingale ePasadena, eCalifornia. Ngase ngithi, "Bengingathatha lesisithombo esidliwa yimfuyo esinamaqabunga amathathu futhi ngishumayele iminyaka engamashumi amabili-nahlanu ngaso: ukuthi siyimpilo kanjani, ekuso; kanjani, imicwi emthathu, kungubuthathu koYedwa. Futhi, o, o, kuneziningi kakhulu nje izinto ebesingazisho ngaso."

46 Futhi kuthiwani ngomBhalo na? UyiZwi likaNkulunkulu. UPhakade. Wa—wawune. . . Awunasiphelo. Ulokhu uqhubeka nje, uqhubeka, uqhubeka. Uyisiphephelo kithi.

47 Futhi manje kulobubusuku ngifuna ukukhuluma ngalokhu: *Icilongo Likhala Ngezwi ElingaQondakaliyo*.

48 Ekucabangeni ngakho, emizuzwaneni embalwa nje edlule, ngenkathi ngicabanga nge. . . lolodaba lwentela engenayo ngonyaka, ngacabanga, "Kulukhuni ukuba nanoma yini eqondakalayo namhlanje. Yonke into inokungaqondakaliyo okukhulu ngayo." Futhi noma yini engaqondakaliyo ingethenjwe. Noma yini engaqondakaliyo ingethenjwe. Deda kuyo uma ingaqondakali.

49 Uma unebhizinisi; futhi, okungukuthi, sinosomabhizinisi abakhona, mhlawumbe abaningi babo. Uma uphethe ibhizinisi elingaqondakali, awuzukubeka okukhulu kakhulu kulo, ngoba u—umhlomulo awuqondakali, futhi angeke wenza ukutshala imali okukhulu kakhulu kulo. Noma, uma ungokahle, usomabhizinisi ohlakaniphile, uyolinda futhi uhlolisise, uma

unemali ozoyitshala, uze uthole into ethize eqondakalayo, into ethize ethembekile, into ethize ongethembela kuyo. Ngoba, awufuni ukulahlekelwa yileyo mali encane osuyongile, ngoba ngaleyo uzofanele uziphilise, ngenkokhelo evela—evela emhlomulweni odonswe kulokhu ukutshalwa kwemali. Ngani, uzofanele u—uthole into ethize yokuziphilisa.

50 Futhi lemali encane oyongile, ungayifaki ephakatheni lakho futhi uyishiye lapho, ngoba amasela azoyintshontsha. Uyabo? Ungakwenzi, ungakwenzi lokho. Uma unayo, itshale entweni ethize. Futhi khona-ke ufuna ukuqiniseka ngokuqondakala kokutshala kwakho imali. Uma ungakwenzi, ngani, ungayitshali, nhlobo.

51 Ngakho-ke, ibhizinisi ngokuqondakalayo lisekumeni okuzamazamayo kulobubusuku. Noma yiliphi ibhizinisi, ngokwangempela, ezweni, lisesimweni esizamazamayo, ngoba izwe lisesimweni esizamazamayo. Ungeke nje wazivumela wena uqobo . . .

52 "Manje, ngizokonga imali *engaka*, ukuba ngizakhele elihle, ikhaya elincane ndawondawo." Lokho ngukuthi, lokho kuthi ukuba ngokuzamazamayo impela. Ngizonitshela ukuthi kuyikho, ngoba uhulumeni angayithatha yonke ayengamele, ngobusuku obubodwa.

53 O, izinto ezonakalise kakhulu intando yethu yeningi, isize ibe ngezamazamayo ngempela! Sasivamise ukuthi sikwazi ukubeka eliningi ithemba entandweni yethu yeningi. Futhi, okungukuthi, ngiyacabanga ukuthi iyindlela enhle ukuzedlula zonke kahulumeni. Kodwa, noma kunjalo, intando yethu yeningi ingezamazamayo. Ngoba, thina, lesisizwe, abantu bakithi, sinenqubo mgomo, nalenqubo mgomo i—iyisigcino sethu. Kodwa, nokho, kulokho, inqubo mgomo yethu ingezamazamayo, ngoba isivele isike yaphulwa izikhathi eziningi. UMnu. Roosevelt ongasekho wenza umonakalo ngayo. Ngakho-ke, niyabo, niyabona ukuthi ingephulwa. Ayisilo ithemba elingako ongalibeka kuyo.

54 Ezombusazwe, o, he, zingezizamazamayo kanjani pho! Abantu bayaphikisana nje, futhi baphikisane, futhi baphikisane, ngezombusazwe. Nomakhelwane bayoxabana, ngazo, nabantu abake baba ngabangani abahle. Omunye umengameli uyovuka, noma omunye umuntu, ukuba angenele ukuba yiphoyisa eliphatha isifunda, noma okuthize, nomunye umfo ongakwelinye icala lothango lwezombusazwe, futhi bayoqophisana baze baxabane ngakho, ezombusazwe. Futhi angi . . . ngethemba ukuthi angilimazi mizwa kanoma ubani, kodwa ngicabanga ukuthi yonke into ibolile. Niyabo? Yebo, mnumzane. Ngakho kungani niyoqophisana futhi nixabane ngento ethize engalungile empeleni na? Kunjalo. Kubi kabi nje.

55 Omunye wathi kimi ngoluny'usuku, wathi, "U—uzovota kulolukhetho na?"

Ngathi, "Sengivotile."

Wathi, "O, kulolukhetho na?"

56 Ngathi, "Ngavotela uJesu." Ngathi, "Ngizokutshela. Kwakukhona abantu ababili bengivotela." Ngathi, "UNkulunkulu wavotela mina, nodeveli wavotela ukuphikisana nami. Futhi ngavotela uNkulunkulu, ngakho ngithola ivoti lami likahle." Kuya ngokuthi uliphosaphi ivoti lakho, uzophuma kanjani.

57 Ngakho-ke, qaphelani, maduze nje, ukunikhombisa indawanyana nje, sizobe-ke sesikuyeka. Kulolukhetho lobumongameli lokugcina, ngenkathi kufakazelwa ngokoqobo eChicago nezindawo ezihlukene, ukuthi imishini ababevotisa ngayo, ukuthi, yahlelwa yiqembu leDemokrasi, ukuthi njalo uma wawuvotela uMnu. Nixon, wawuvotela uMnu. Kennedy, ngesikhathi esifanayo. Ngakho-ke, awunathuba. Futhi bakufakazisa!

58 Futhi namuzwa u*Mqaphelisi* ngobunye ubusuku, ngenkathi bebeke u—ukuhlola ezweni lonke, kusukela eMississippi, empumalanga. UMnu. Nixon wayethathe lelivoti elingabazisa kakhulu, okune kokukodwa. Ingaphumelela kanjani indoda na? Ukuba bekungu Mnu. Kennedy, bekuyoba yindlela efanayo. Anginalo nayiliphi iqembu.

59 Iqembu lami liseZulwini, futhi nginabo ngqo lapha kulobubusuku. Sihlezi ezindaweni zaseZulwini, sixoxa ngeNkosi yethu.

60 Kodwa, niyabo, ngizama ukunitshela, lezizinto zomhlaba iyazamazama. Lapho, ungeke wabeka ukwethemba kubo. Abaqondakali. Futhi noma yini engaqondakali, ngingamane nje ngishiye ngisuke kukho. Angiyithandi leyonto ephikayo. Angithandi ukuzixubanisa nohlangothi oluphikayo. Ngikuthanda kuvuma, ngibe sohlangothini oluvumayo.

61 Manje, impilo yasekhaya isiphenduke engaqondakaliyo. Niyazi, ngabona isiqephu ngeliny'ilanga, kwelinye lamaphephandaba ndawondawo, ukuthi isilinganiso sesehlukaniso saseMelika siphakeme kunoma yisiphi esinye isizwe emhlabeni. Futhi sifanele ngabe siyisizwe esikholwayo. Yebo, kungabanjalo, inkolo, kulungile, kodwa akusilo uhlobo olukahle. Niyabo? Inkolo iyisembozo nje. Kulukhuni ukusho ukuthi isembozo sethu sisenza ngani. UAdamu wazama ukwenza ezinye ngamaqabunga omkhiwane, futhi akusebenzanga. Kwaba nokuzamazamayo okusabisayo ngenkathi wayedingeka aphume ukuba ahlangane noNkulunkulu. Ngakho inkolo ayihlangani nakho konke. Kodwa ubungacabanga ukuthi isilinganiso sesehlukaniso sethu, siphakeme kunawo—kunawo onke amazwe,

isilinganiso sesehlukaniso sethu na? Sithola isimilo esibi sinyakaza emakhaya ethu.

62 Kwakumangalisa ukuthola, ukuthi, iphesente elikhulu ekuhlolweni kwesizwe. Futhi e. . .Ngikholwa ukuthi kwakuse Ohio, ukuthi ukuhlolwa kwathathwa kobuKristu, futhi kwakushaqisa ukuthi iphesente elingakanani elalingayi ngisho esontweni. Bese kuthi-ke, cishe amaphesente angamashumi ayisishiyagalombili alabo ababeya esontweni, ayengazi ukuthi ayelani. Abazi ukuthi kungani beya. Baya esontweni nje.

"Niyelani na?"

63 "Awu, umama wayesithatha ngenkathi sisengumntwana, futhi nje besilokhu siqhubeka sihamba." Futhi—futhi khona-ke, manje, elinye iphesente lalokho, basho ukuthi bayela nje, o, ukuhlangana nomakhelwane babo futhi bethi ukuxoxa isikhashana. Niyabo?

64 Ngani, kuyashaqisa! Akumangalisi impilo yasekhaya ingasekho, niyabo, noma iyiphi impilo yasekhanya engagxilile.

65 Noma yimuphi owesifazane ozogana indoda, futhi akayiqondi leyondoda, kungcono ayishiye. Futhi noma iyiphi indoda ezoshada owesifazane, futhi engaqondakali, kungcono umshiye owesifazane. Kungcono ukhuleke uqhubeke, kukho, aze uNkulunkulu akunike impendulo. Bese kuthi-ke lokho uNkulunkulu akuhlanganisa ndawonye makungehlukaniswa muntu. Kodwa thina—thina, kuqala, sifanele sithandaze siqhubeke, kulokho. Yebo.

66 Manje, siyathola ukuthi sizamile ukuguqula izwe ngohlelo lwemfundo, futhi ngempela senze inxushunxushu ngakho, ngokwenele impela. Ungeke waguqulela izwe kuKristu ngemfundo. Imfundo iyamsusa le kuNkulunkulu, kakhulu kunoma imsondeza kuNkulunkulu, ngoba uzama ukucabanga ukuthi uhlakaniphe kakhudlwana futhi wazi kakhulu kunomunye umuntu. Njengoba imfundo iyinhle injalo, uKristu akazange athume ibandla laKhe ukufundisa izwe. Akazange abafundise imfundo, ukwenza amakholiji. Akazangafu-. . .O, balungile. Akazange abatshele ukuba bahambe futhi bakhe izibhedlela. Lokho kulungile.

67 Kodwa umsebenzi weBandla ukushumayela iVangeli. "Hambani niye ezweni lonke, nishumayele iVangeli kukho konke okudaliweyo." Niyabo? Kodwa noma yini ehlukile kulokho, ithola ukuzamazama, ngoba kuphumile ohlelweni lukaNkulunkulu.

68 Ukuphila kwesizwe akuqondakali. Awu, izwe aliqondakali. Siphila nje endaweni lapho izwe lonke linokuphelelwa ngamandla okwethusayo, kubukeka kanjalo, konke kuzamazama. Sonke isizwe, wonke umuntu, omunye wesaba omunye. Bakhuluma ngokuthula.

69 Babanakho, ngesinye isikhathi, bathi, "O, ngenkathi silwa iMpi yokuQala yoMhlaba, ukuthi bonke abafana bethu bafanele baye ngale, futhi lokho kuyoxazulula izimpi." Ngani, abatholanga ngisho intuthu yombayimbayi iphephezela emoyeni baze baba komunye.

70 Khona-ke babeneNhlangano yeZizwe, futhi leyo yayizogada izwe ngamaphoyisa, futhi yaphaphalaza. Manje bane U.N., futhi nje iyinto efanayo. Isivele iphaphalazile. Akukho lutho kuyo.

71 Yonke into iyazamazama; ukuphila kwesizwe, ukuphila kwezombusazwe, imishini yokuvota. O, he! Nje ba . . . Yonke into iyazanyazanyiswa, yonke into.

72 Manje ngifuna ukukwehlisa kancanyana kusondele ekhaya. Niyabo? Ukuphila kwebandla kuyazanyazanyiswa futhi akuqondakali. Manje, yilokho uPawulu ayekhuluma ngakho. Niyabo? Yilokho ayekuchaza, "Uma icilongo likhala ngezwi elingaqondakaliyo." Ukuphila kwebandla kuyazanyazanyiswa. Abantu kulukhuni ukuba bazi ukuthi benzeni. Bayahamba, bezulazula besuka ebandleni beya ebandleni, bezama ukuthola ukuthi yilona liphi elinento elungile; beya emuva naphambili, bezama ukuthola ukuthi yikuphi okulungile, iphi imfundiso elungile. Futhi omunye uzofika ngapha, futhi bangakuchaza, nje cishe impela kulo impela iphuzu lwesivumokholo sabo, lilungile. Bese kuthi-ke, into yokuqala niyazi, bathola okuningi kakhulu ukonakala kulelo, baze bazame elinye ibandla, ukubona ukuthi isivumokholo sabo siyini, imfundiso. O, konke lokhu, sithola ukuthi sizephule thina-ke, ngalezizinto, emakhulwini ezinqubo ezehlukene zebandla. Manje, akukho lutho okumelene nalokho. Lokho nje ukuthi bangenza ezinye izinto, khona-ke, ukuthi bayakwenza, futhi lapho kufanele kube nokuhle okuphumayo, ndawondawo.

73 Kodwa, niyabo, ungeke wafaka ukuzethemba kwakho ngokuthi, "Ngingowenhlangano yeMethodisti yamabandla, futhi ngi—ngilungile ngoba ngingowayo." "Ngi—ngi—ngingowenhlangano yeBaptisti, futhi ngilungile." Ngeke ukwenze lokho.

74 Ungeke ngisho ukwenze uma uthi u "ngowenhlangano yePentecostal yamabandla." Ngeke ukwenze lokho. Awufanele ukwenze lokho, ngoba akunjalo. Sithola ukuthi ngenkathi inhlangano yethu yePentecostal yokuqala, iGeneral Council, yayihlelwe ngokuyikho, kwakungekude kakhulu baze baqala ukuhlakazeka lapho, futhi bahlakazeka lapha, neziyalezo, nezimfundiso. Futhi manje kubuke nje, ndawozonke. Niyabo? Kukhombisa ukuthi akuqondakali. Labo abathembela nje enhlanganweni kuphela, aku—akuqondakali.

75 Manje, ubungathi, "Mfowethu Branham, uyasikhipha engatsheni elikhulu lapha. Upenda isithombe esimnyama

esesabekayo." Futhi ngihlose ukwenza lokho. Ngangifuna ukukwenza.

76 Ngakwenza ngenhloso, ukuthi ngingahle ngisho lokhu. Ikhona into eqondakalayo na? Yebo. Yinye kuphela into eqondakalayo. O, ngijabula kakhulu ngalokho, ukuthi kunento eyodwa ongabeka ukuzethemba kwakho kuyo, futhi uqiniseka ukuthi kulungile. O, uma yonke into isihambile, *Lokhu* kuyobe kumile. Uma uzofunda uMathewu oNgcwele 24:35, Wathi, "Kodlula amazulu nomhlaba, kepha amaZwi aMi awayikuhluleka." UNkulunkulu unesisekelo esiqondakalayo.

77 Umfo omdala, washo ngesinye isikhathi, omdala onsundu wasezansi eNingizimu. Wayephethe iBhayibheli, futhi wayengakwazi ukufunda. Wayesethi, "Uliphathele ini, Sam?"

78 Wathi, "Liyi—liyiBhayibheli eliNgcwele." Wathi, "Kulotshiwe kulo." Wayesethi, "NgiyaLikholwa, kusukela ekhaveni kuya ekhaveni, futhi ngikholwa yikhava futhi," wathi, "ngoba linokuthi 'iBhayibheli eliNgcwele' okubhalwe kuLo."

79 Nomfo owayekhuluma naye, wathi, "Awukukholwa konke okukuLo na?"

Wathi, "Yebo, mnumzane. Impela ngiyakukholwa."

80 Wathi, "Manje, awu, uqonde ukuthi uyokwenza noma yini leloBhayibheli elithe yenze na?"

Wathi, "Yebo, mnumzane."

81 Wathi, "Ukuba-ke leloBhayibheli lithe uSam akagxume aphume ku*lolo*donga lwetshe lapho na? Ubungenzenjani na?"

Wathi, "Bengingagxuma."

82 Wathi, "Awu, manje. Uzophuma kanjani odongeni lwetshe ngaphandle kwembobo ilapho na?"

83 Wathi, "Uma iBhayibheli lathi uSam akagxume, bekuyoba khona imbobo lapho uma uSam esefike lapho." Ngakhoke, lokho, lokho nje kuthi akube njalo. Bekuyoba khona imbobo lapho.

84 Into kuphela ozodingeka uyenze ukuthatha isinqumo sakho sokuma phezu kweZwi likaNkulunkulu, noNkulunkulu uzokwenza indlela yakho konke kwaso. O, lesosisekelo esikhulu.

85 Ngikholwa ukuthi Washo, ngale kuLuka, ngikholwa ukuthi kwakunguye, lapho ehla evela entabeni, Wathi kubafundi, "Abantu uthi Mina iNdodana yomuntu ingubani na?"

Nomunye wathi, "'OJeremiya,' na 'baprofethi,' kanjalonjalo."

Wayesethi, "Kodwa nina nithi Ngingubani na?"

86 Yingaleyonkathi uPetru enza leso sitatimende esidumile, "Wena unguKristu, iNdodana kaNkulunkulu ophilayo."

87 Wathi, "Ubusisiwe wena, Simoni, indodana kaJonase, ngokuba inyama negazi akukwembulelanga lokhu. Kodwa uBaba waMi oseZulwini ukwambulele lokhu. Futhi phezu kwalelidwala Ngiyakulakha iBandla laMi, namasango ehayidese awayikuLahlula."

88 Kuyini-ke na? Phezu kweqiniso elembuliwe leZwi likaNkulunkulu. Ngokuba, "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama wakha phakathi." Futhi kwembulwa kuPetru ukuthi lelo kwakuyiZwi likaNkulunkulu eliqinisekisiwe. Amen.

89 Yingalesosizathu Akwazi ukuba athi, "Ubani ongaNgilahla ngesono na? Ubani ongaNgimangalela na? Yonke into iZwi eliyilobe ngaMi, Ngiyenzile." UNkulunkulu wayekuqinisekisile, ukuthi WayeyiZwi. O, yilokho-ke. UNkulunkulu ebonakalisiwe. IZwi lisho njalo, bese kuthi-ke uNkulunkulu akwenze kube yikho ngempela, uyakufezekisa, akukhombise.

90 Iminyaka eyadlula, ngenkathi bethi ebandleni, "Ayikho into okuthiwa ngumbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Lokho ngamadlingozi nje abantu abazithola besetshenzisiwe." Kodwa labo abaWemukelayo, bazi ukuthi lelo kwakuyiqiniso. Bazi ukuthi uNkulunkulu wayenguye ngempela. Futhi kufakazisiwe, kuze, kube namuhla, umnyakazo wePhentekoste kaNkulunkulu ezizweni zonke, ungenise abaningi kuKristu kunayo yonke eminye yayo okwenzile.

91 I-*Isivakashi Sethu SangeSonto*, kungekudala, iphepha lamaKatolika, lathi; ngikholwa ukuthi kwakungunyaka wangaphambi kodlule, noma ngonyaka odlule, okukodwa; ukuthi, "Ibandla eliKatolika labhalisa kuphela abaphendukile abayingxenye yesigidi. Lapho, amaPentecostal abhalisa isigidi esisodwa, izinkulungwane ezingamakhulu amahlanu." Amen.

92 Kuyini na? Kuyinto ekhulayo, iZwi likaNkulunkulu, lisabalala kabanzi. Sifanele sibe nokubonga okunjani pho! Kukhulu kakhulu, kuze kuthi, ngisho namanje amaEpiscopalian, amaPresbyterian, amaLuthela, nawo onke, azela ukuzothola okunye kwaLo. Niyaqaphela emhlanganweni weBusiness Men, nibezwa bekhuluma ngabehlukile: iEpiscopalian, iLuthela, iPresbyterian. Ngani, kuyivela kancane impela ukuba uke uzwe ngePentecostal ibe isenza noma yini futhi. Kunjalo. Konke kungamanye. Ngoba ngani na? Abubonile ubuthakathaka bawo bezivumokholo zawo, futhi abuyela eZwini. Lapho uthola isisekelo, into engezanyazanyiswe.

93 Thola phakathi lapho, uMoya oNgcwele uphila ukuPhila kwaWo ezidalweni ezingabantu, uzibonakalisa qobo Lwawo ezweni. Futhi kwenza amadoda omele Yena: elingazamazamiseki, elingaphikiseki, iZwi likaNkulunkulu libonakaliswa futhi ezikhombisa Yena uqobo, iZwi qobo lwalo

liphilwa empilweni yomuntu. Into emangalisa kanje pho! Akukho lutho olungaqondakali ngalokho. Ningabona lapho uNkulunkulu enza khona isithembiso, futhi nasi sibonakaliswa. Amakhulu eminyaka eyadlula abaprofethi bakhuluma ngaso, futhi nasi siyasibona sifezeka.

94 Kukho konke ukugxeka, kuyo yonke imehluko, kuzo zonke izivumokholo, ukuthi bazame kanjani ukuligxoba balikhiphe leloZwi likaNkulunkulu! Ukuthi bazame kanjani ukubambisa imfundo. Bazame ukubambisa, benza ihlelo. Bazidide bona. Futhi kukho konke okwakho, iZwi likaNkulunkulu lisami njeligqame futhi linokukhanya njengoba lalilokhu likwenza. Kuyini na? Yileyonto eqondakalayo. UNkulunkulu wathi, "Kodlula kokubili amazulu nomhlaba, kodwa iZwi laMi aliyikwehluleka." Manje-ke, leyo yinto ethize eqondakalayo. Ufuna ukubambelelisa okwehange qobo lwakho. Bambelelisa okwehange kuleloZwi enhliziyweni yakho.

95 UDavide wathi waLifihla enhliziyweni yakhe, ukuthi akayikona. Wabhala imithetho yaKhe phezu kwebhokisi elisambhede, wayeseyibophela ezandleni zakhe nandawo zonke, wabeka iZwi laKhe njalo phambi kwakhe. Yileyondlela. Gcina ingqondo yakho njalonjalo . . .

96 UNkulunkulu watshela uJoshuwa, "Ungaphendukeli kwesokunene noma kwesokhohlo, kuLo. Khona-ke uyokwenza njalo izindlela zakho zibe nokuphumelela. Khona-ke uyoba nempumelelo enhle."

97 Futhi uma ibandla lonke lihlangana ndawonye lisuke ezivumwenikholo zalo, futhi libe phezu kweZwi likaNkulunkulu, khona-ke ibandla liyoba nempumelelo enhle. Leyo kuyoba yinto eyogxoba ikhiphe ubukhomanisi.

98 Yini eyenza ubukhomanisi, yona into impela na? Nicabanga "ubukhomanisi," uma esabalalisa imfundiso-ze yabo, futhi ekhula ngokwanda okukhulu, ngezigidi, nabantu bayesaba ngabo. Lobobukhomanisi buyofiphala futhi bufe. Buzofanele. Ubukhomanisi, bangahle benze *lokhu*. Bangahle benze *lokho*. Ngikholwa ukuthi uNkulunkulu uzobusebenzisa, kodwa, kulungile, njengoba nje Enza uNebukadinezari. Uyohlasela akhiphe, i—i—i . . . lonke ukhula, luphume, ngobukhomanisi. Kodwa, lokho . . . Qhabo, okungaka ngalokho. Kodwa, bukani. Kodwa into, ubukhomanisi, buyoba nokuphela. Ubukhomanisi buyofika ekupheleni kwabo.

99 Kodwa iZwi likaNkulunkulu alinasiphelo, ngoba Lalingenasiqalo. Amen. LiPhakade noNkulunkulu. Futhi uma ubambelelise okwehange, neZwi libambelelise okwehange kuwe, uPhakade neZwi. Amen.

100 Buzofanele bufike ekupheleni babo. Zonke lezozinto ziyazamazama. Akunandaba ukuthi bayakha ibe nkulu kangakanani insika, izofanele iwele phansi. Zonke izinto

engesiyo eyakho, emelene naleloZwi, noma ephambene nalo, izofanele igudluke. Izofanele inikeze indawo, ngoba iZwi liza ngokunqoba. Akukho lutho olungaLimisa. UNkulunkulu usevele usho njalo.

101 Uma Ekukhuluma, kodlula amazulu nomhlaba, kodwa akusoze kwehluleka. Fihla leloZwi enhliziyweni yakho, ukuthi lithathwa kanjani leloZwi futhi uLivumele likhule. Ligcine engqondweni yakho, njalo, ngoba Alisoze lehluleka. IZwi likaNkulunkulu alisoze lehluleka, ngoba Wathi Aliyikwehluleka. Ngakho sifuna ukuligcina kulokho.

102 Manje, uPawulu washo, emiBhalweni, njengokuqeqesha isosha, isosha ekwehlukanisweni kwezwi. Manje, isosha lizofanele lifunde ukwehlukaniswa kwamazwi alo, ecilongo lempi noma icilongo. Alazi uma icilongo lihamba, likhala, noma i—idumelane noma ihlehle. Uma lingawazi umehluko, hlobo luni lombutho oxovekile obungaba nawo na? Isitha ngempela besiyonqoba phezu kwesigejane samasosha abengaqeqeshiwe kangcono kunalokho. Amen.

103 Yileyo indaba ngamabandla ethu namhlanje. Siwaqeqeshe ngezivumokholo, zehlukana elinye kwelinye.

104 Sifanele sihlanganiswe. Sifanele silazi icilongo. "Manje-ke yilona liphi icilongo na?" bayasho. Icilongo leVangeli, yiLelo. IZwi likaNkulunkulu ophilayo yiCilongo. Ningaxubi lutho naLo.

105 Ningabi namuntu odlala uhabhu lwaseFransi, nomunye ashaye icilongo lempi. Akukho-muntu owaziyo ukuthi enzenjani. Kuletha ukudideka.

106 NoPawulu wayekhuluma ngokuqeqesha indoda ekwehlukaniseni izwi. Futhi njengoba nje lokho kwehlukaniswa kwezwi kunjalo, iyazi impela ukuthi yenzenjani, ngoba umbethi wecilongo lempi unemiyalo, nelivela enduneni enkulu. Futhi uma ebetha lelicilongo, umbutho uyazi impela nje indawo ukuba—ukuba uqhubeke, nokuthi uhlehle kuphi, futhi nokuthi ujikele kwesokudla noma kwesokunxele yini, noma wenzeni, ngokukhala kwecilongo.

107 Manje, umbutho, impi, bekuhlala njalo kuyimpi. Asikaze sijoyine iBandla, noma singene eBandleni, ukuza epikinikini. Sifanele siqonde ukuthi siza enkundleni yempi.

108 Angizi neze, ukuba abantu bangimbambathe emhlane futhi bathi, "Mfowethu Branham, ungumuntu oyisimangaliso." Qhabo, mnumzane. Ngiza lapho ngembethe isihlangu. Angisidingi isihlangu salokho. Ngiza nesigqoko sesivikelo nezikhali. Ngizela ukulwa, ngilwele onke ama intshi omhlabathi.

109 UNkulunkulu watshela uJoshuwa, “Yonke indawo amathe onyawo lwakho anyathela kuyo, leyo Ngikunika yona.” Ngakho, izinyathelo zazichaza ubunikazi.

110 Futhi uma ibandla lifinyelela endaweni, lixegisa nezivumokholo, futhi lixegisa neZwi, futhi lixegisa nezwe, ngiqonde, khona-ke lilahlekelwa ngumhlabathi. Liyisa emuva.

111 Esikudingayo kulobubusuku amasosha ukuba abe nazo zonke izithembiso zobuNkulunkulu zaleliBhayibheli, uNkulunkulu azethembisa eBandleni, zonke izikhali zikaNkulunkulu, nokuma. Kuyilokho esikudingayo, amasosha; hhayi ukuthola umfaniswano womviliyelo wengubo yomviliyelo, kwehlukile njalo. Uma umuntu . . .

112 Noma yisiphi isizwe, sinezinhloli ezizweni zonke. Sinezinhloli zaseJalimane lapha. Sinezinhloli zamaNgisi lapha. Sine—sinezinhloli ngale eNgilandi. Zizama ukwenzani na? Zizama ukuthola ukuthi hlobo luni lwempahla, ukuthi hlobo luni lwebhomu, omunye analo. I-F.B.I. icishe ibe seduze kwazo zonke izizwe. Zibhekisisile, ukubona. Zisinda kanjalo-ke. Ziyabhekisisa futhi zibone ukuthi hlobo luni lwebhomu esinye esilutholayo. Bese-ke zifika futhi zilwenze lube ngcono kancane, noma zenze okunye ukuphikisana nayo. Azethembani, ezizweni, ngoba lokho kukhombisa ukuthi izizwe ziyazamazama. Ngani, iNgilandi ibingasiqhumisa, ngehora, ukuba besinganqamula indlela yabo, noma besingabaqhumisa. Kuthatha nje umuntu mumbe phezulu enhlokweni yento lapho, ukuthola isiphuzo esincane noma ezimbili, okuningi kakhulu, noma baxabane nokuthize, bese kusuka.

113 Lapha kungekudala, bebengathi, isiqephu esincane sezimpahla, “Senziwe eJapani,” ngesikhathi sempi. Bebeyosisakaza phansi, futhi bahambahambe, ukushisekela izwe lakini. Futhi manje niyokhokha intengo ethe xaxa ngaso kunoma yini eniyithenga esizweni. Kwenzenjani na? Lokho kukhokhela kubuyise izimpilo zalabo bafana abafela laphaya na? Impela qha.

114 Kuyini na? Anginandaba ukuthi nilwa nezinto eziphathekayo, niyahamba, ngeke kuthi-shu. Kuyozamazama. Kodwa kunokulwa okukodwa eningangena kukho bese nizuza imihlabathi ongeke wasuswa kini. Lokho ngukukhala kweVangeli lecilongo leZwi likaNkulunkulu, futhi libe neziphiwo nezithembiso Azipha iBandla. Impela kunjalo. Manje, siyathola—siyathola, ukwenza lelicilongo likhale.

115 Manje, zonke izizwe zizama ukuhlomisa abafana bazo ngakho impela ukuzivikela okwedlula konke ezingaba nakho. Manje, ngiyazi, ngezinye izikhathi lezizikhali azilula ukuzithwala.

116 Nganginomfowethu, u “Rookie,” bambiza kanjalo, uyaphuma lapha, nombutho umnika umthwalo

ongamaphawondi angamashumi ayisishiyagalolunye emhlane wakhe. Nalokho kuthi akube seduze impela ngangokusinda kwakhe. Bamnika ifosholo, ukuba ambe ngalo umgodi; isibhamu esikhulu, nasosonke isixheke samabhomu esandla. Futhi, o, angikaze ngiwubone umthwalo onje! Umfo omncane bandla kwal'khuni ukunyakaza. Futhi bamehlisa emgwaqeni ukuba ahayikhe amamayela amahlanu. Kwathi akumbulale. Wathi, "Owani lombhedo? Yini engiyidinga ngalesisigqoko esikhulu esidala sesivikelo na?" Manje, bukani. Umbutho uyazi ukuthi uzokudinga lokho ngesinye isikhathi. "Yini engiyifuna ngefosholo, phandle lapha emgwaqeni omkhulu, ngihamba?" Kungcono ukwejwayele ukulisebenzisa. Ungahle ulidinge.

117 Uhulumeni akazukukhipha-nto ngaphandle uma wazi . . . bayazi uzodingeka ulisebenzise. Ufanele ukuqeqeshele lokho. Bathola izinto ezedlula zonke abangazithola, ukukuvikela ngazo, ngoba bakhathalele isizwe. Bakhathalela wena uqiniswe ngokwedlula konke ongakwenza, udede ezinhlamvini. Lokho bekuhlala njalo kungaleyondlela.

118 Kwaqala ensimini yase-Edene. NoNkulunkulu uqeqesha iBandla laKhe. Ne . . .

119 Niyazi, sizofanele njalo sithuthuke. Manje, izindiza ezindala esasivame ukuzisebenzisa emuva eMpini yokuQala yoMhlaba; iMpi yesiBili yoMhlaba, ngani, lezozishayi ezincane emoyeni kwakuphume kwaphela, ngenkathi bemisa lezi ezinhle izindiza ezinkulu kakhulu ababenazo. Ngani, zazingelutho. Futhi manje, lezi abazisebenzisa nje ngalempi edlule, manje ziluqobo. Abasazidingi. Banamajethi. Futhi, niyabo, njalo nizama ukuthuthuka, ukuthuthuka entweni yokuzivikela.

120 Kodwa niyazi uk'thini? UNkulunkulu akadingi ukuba athuthuke. UNkulunkulu wanika abantwana baKhe, amasosha aKhe, yona impela into edlula zonke enganikwa bona. Ngenkathi Ebanika, Wabanikani na? Ubanika iZwi laKhe ensimini yase-Edene, nomuntu wayezoziqinisa yena emva kweZwi likaNkulunkulu, futhi akukho develi ongamthola. Hlala eZwini.

121 Manje, inhloli eyisitha, uSathane, wazama ukuthola ukuthi yini ayengayenza ukuba agqekeze kulokho. Ngakho wa— wayazi ukuthi wayengeke aphume nje bese eyamkhohlisa, ngakho into kuphela ayengayenza kwakungukuba amtholele ukuzindla. Futhi yilokho uNkulunkulu akusebenzisayo namhlanje, ukuqinisa iBandla laKhe, yiZwi laKhe. NoSathane ufika ngapha namandla okuzindla. USathane wayazi ukuthi leyo kwakuyintuba yokuphuma. Leyo kwakuyindawo abantu ababeyoyibhodloza kalula kunakho konke, kwakusekuzindleni.

122 Wena uthi, "Manje, ake ngizindle nawe. Manje ngabe kudingekile na?"

123 Uma uNkulunkulu athi kwakudingekile, kudingekile, noma ngabe kudingeka sikhale, futhi sikhale siklabalase, futhi senze konke *lokhu*. Uma uNkulunkulu asho ukuthi umbhaphathizo kaMoya oNgcwele udingekile, anginandaba ukuthi Usinda kanjani, nokuthi kungakanani okwezwe ofanele ukuyeke. Uzodingeka uWusebenzise, ngolunye lwalezizinsuku, ukuba uhlale uphila. Indlela kuphela yokusinda.

124 "Manje, ngabe sifanele sikwenze ukuphilisa ngokobuNkulunkulu, ngenkathi sinodokotela ababedlula bonke ezweni na?"

125 UNkulunkulu wanipha ukuphiliswa kobuNkulunkulu ngoba Uyazi ufanele uwusebenzise. Wanipha iziphiwo zikaMoya.

126 Futhi kwathi nje uSathane angaba ngakuEva, uqala ukuzindla naye. Manje, "Ngempela, ngempela, uNkulunkulu angeke akwenze *lokho*."

127 Abantu bathi namhlanje, "Ayikho into okuthiwa isihogo." Iningi labo likutshela lokho. Niyabo? "O, impela uNkulunkulu angeke abashise abantwana baKhe."

128 Impela, Akabashisi abantwana baKhe. Kodwa udeveli uyobashisa, abakhe. Ungumntwana kabani na? Lokho yinto elandelayo. Isihogo sadalelwa udeveli nabantwana bakhe, hhayi abantwana bakaNkulunkulu. Akukho namunye wabo oya lapho. Kunjalo. Kuyangokuthi ungumntwana kabani.

129 Manje, uNkulunkulu wanika uEva noAdamu iZwi laKhe, futhi Akakaze aLiguqule. Ubehlala njalo ene. . . AmaKristu, noma ikholwa, ukuVikela kwakhe iZwi.

130 Kodlula amazulu nomhlaba. Sonke isivumokholo siyodlula. Lonke ihlelo liyohluleka. Sonke isizwe siyocwila. Kodwa iZwi likaNkulunkulu liyoma, Phakade. Kuyoba nesikhathi lapho inkanyezi yokusa ingasayi kukhanya. Kuyoba nesikhathi ukuthi ilanga aliyikukhanya, nenyanga ayikukhanya, nezwe aliyikupininiza emkhondweni walo.

131 Kodwa iZwi likaNkulunkulu liyohlala lifana kuze kube phakade. Yebo. Lokho yinto engasoze yanyakaziswa, into ethize ongethembela kuyo. Iyaqondakala. UNkulunkulu usho noma yini, iqinisekile ukuba yenzeke.

132 Uma Athi, ensimini yaseEdeni, ngoMhlengi, Uyothuma uMesiya, kwakuqinisekile ukuthi kufike. Nakuba balinda iminyaka eyizinkulungwane ezine, kodwa Wafika lapho. Wadingeka afike ngoba kwakuyiZwi likaNkulunkulu elithenjisiwe.

133 UNkulunkulu wethembisa ukuMthuma abuye futhi. Uzoba lapha. Anginandaba ukuthi bangaki abaphiki-nkolo nabanqikazi abavukayo, noma ngabe benzani, bungaki ubukhomanisi obusabalalayo. UJesu Kristu uyofika, futhi

athole iBandla eligezwe ngeGazi, futhi uyolithatha ngokugibela esibhakabhakeni liyongena eZulwini. Ngani na? Kuyaqondakala ukuba kube njalo. IZwi likaNkulunkulu lasho njalo.

134 "Uma ukholwa, konke kungenzeka." Lokho kuyaqondakala. UNkulunkulu washo njalo, futhi kungeke kwanyakaza, kungeke kwazanyazanyiswa kususwe. UNkulunkulu washo njalo, uma nje nizohlala nakho, manje. Futhi nibe nokukholwa kukho, nikukholwe.

135 Akusilo izwi elingaqondakaliyo. UNkulunkulu angekhale ngezwi elingaqondakaliyo. Izivumokholo zingakhala ngezwi elingaqondakaliyo. Amahlelo angashumayela izwi elingaqondakaliyo. Kodwa uNkulunkulu angezwakalise izwi elingaqondakaliyo. NaleliZwi linguNkulunkulu. Futhi akukho kungaqondakali ngaLo. Liqondakala lonke nelincu.

136 Manje, iBandla elikhulu lihlome ngeZwi. Manje, ngenkathi uJesu efika, ngabe Wasebenzisa lesosikhali esifanayo na? Impela wakwenza.

137 Ngenkathi uSathane efika kuYe, ngawo onke amandla akhe, wayesethi, "Uma uyiNdodana kaNkulunkulu, yenza *okuthize*, izinto *ezithize*."

138 Wathi, "Kulotshiwe . . . " Wabuyela ngqo eZwini. USathane waMzama ngokuphakama okuthe xaxa. Kodwa, uJesu, wabuya ngqo neZwi, "Kulotshiwe . . . "

139 Lapho Wahlala, phezu kwaleloZwi, ekhombisa kithi njengesibonelo. Njengoba Asho kwabaseKorinte bokuQala, kuqala . . . UJohane oNgcwele 14:13, "Ngininike isibonelo." Naleso yisibonelo, ukuthi sifanele ngokugcizelela, sifanele ngokuphelele sibeke ithemba lethu eZwini likaNkulunkulu. Yonke enye into ibe ngamanga. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

140 Yileyonto eyodwa eqondakalayo. UNkulunkulu wenza isithembiso. UNkulunkulu uzosigcina isithembiso. Bathi, "*Le*nto ingenzeka kanjani na? Angasihlanganisa kanjani isigejane sabantu ndawonye, ngomusa woHlwitho, ukuba benyuke na?" Angazi ukuthi Uzokwenza kanjani. Akusiwo umsebenzi wami ukubuza ukuthi Ukwenza kanjani. Kungumsebenzi wami ukukulungela nje. Wakwethembisa. Kuzokwenzeka. Waqinisa iBandla laKhe ngeZwi.

141 Futhi into yokuqala kwakungukuzindla. Manje bathi, "Akunamqondo yini nje manje, uma ngingowa *leli*bandla, lokho akukuhle nje njenga *lelo*bandla na?"

142 Linye kuphela iBandla ongaba ngowalo. Awusoze uLijoyine. Ungahle ulijoyine idlangala, idlangala leMethodisti, nedlangala lePresbyterian, nedlangala leBaptisti, nedlangala lePentecostal. Kodwa uzalelwa eBandleni likaJesu Kristu, ngakho nanto-ke iBandla.

143 Lawo ngamadlangala, lapho abantu behlangana ndawonye, njengamagwababa ehlezi *kule* ngatsha, namajuba *kule* ngatsha, no—nokunye nokunye. Leyo yinhlanganyelo yenu eninayo ndawonye, uma nabelana ekudleni okukhethiweyo okufanayo.

144 Kodwa uma kufika eBandleni likaJesu Kristu, kunendawo eyodwa kuphela. Lokho ngukuZalwa. Ukuzalwa!

145 Kunjengomuntu nje, njengoba ngakusho ezikhathini eziningi, njengenyoni emnyama ihlezi engatsheni, izama ukufaka izimpiko zempigogo emaphikweni ayo, futhi ithi, "Niyabo, ngiyimpigogo eziqhenyayo." Niyabo? Yahloma lezozimpiko, qobo lwayo. Uma yayimpigogo yangokoqobo, imvelo yayo ibingaveza lolohlobo lwephiko.

146 Uma iBandla likaNkulunkulu ophilayo liyiBandla likaNkulunkulu ophilayo, liyoveza iZwi likaNkulunkulu ophilayo. Awudingi ukwengeza izimpiko zempigogo ndawo. Futhi zonke izimpiko eziphakathi lapho kuzoba ngezijoyinwe empigogweni. Ningakukholwa lokho. Futhi zonke izimpiko ezijoyinwe eBandleni likaNkulunkulu ziyoba yiZwi likaNkulunkulu. Akasoze ajovela noma yini enye kodwa iZwi. Amen. Isizathu, imvelo kaMoya iveza kuphela iZwi. Amen. Ngizizwa ngigcwala inkolo. Kunjalo.

147 Akusilutho ozama ukulwenza, awukhiqizi lutho. Ungeke wakhiqiza ink-. . .Ungeke wayikhiqiza insindiso. Ungeke wazikhiqiza iziphiwo. Ufanele uzithele iziphiwo. Impela. Niyabo? I—imvu ayikwenzi, ayiwukhiqizi uvolo. Inovolo ngoba iyimvu. Ithela uvolo nje. I—i—isihlahla sezithelo amasheri asikhiqizi amasheri. Nje sithela amasheri, ngoba ukuphila kwaso kungaleyondlela.

148 NeBandla likaNkulunkulu ophilayo alijoveli Lokhu, ukuzama ukuba bazenze babukeke njengento ethize. Sebevele bayilokhu abayikho, ngomusa kaNkulunkulu. NeZwi likaNkulunkulu lijoyinwe nabo, nabo bajoyinwe neZwi. Nemisebenzi owavezwa yilowo opheleleyo, uJesu Kristu, uNkulunkulu wabonkaliswa enyameni, liyoziveza lona ngalolonke ikholwa elizelwe ngokusha. Washo njalo. Amen. Akukho lutho olunye. Manje, leyo yinto ethize eqondakalayo.

149 Manje, bekuyothi kancanyana—kancanyana ukudida kumuntu, uma engazange akwazi ukukhala kwangempela kwecilongo. Manje, indoda engakaze iqeqeshelwe icilongo, futhi ingakaze ilizwe, awu, ingahle ithi ukudideka kancanyana uma izwa into ethize ikhala ngokwehlukile kulokho ekuzwile. Ibihlala njalo izwa, "Joyina ibandla. Yisa incwadi yakho *ngapha* na*ngapha*." Lokho kungakuhle. Yilokho kuphela ekwaziyo.

150 Kodwa manje-ke uma ubuya, mayelana nombhaphathizo kaMoya oNgcwele, ukhuluma ngamandla kaNkulunkulu nezinto Azenzayo; nokuthi ubenza kanjani abesifazane nabesilisa, bobabili, bazihlanze, basuke empilweni yesono; ukuthi ubenza

kanjani bahambe ngokumesaba uNkulunkulu, ngobuqotho. Nezinto ozenzayo, futhi uveze umbhaphathizo, ukukhuluma ngezilimi, ukuphilisa abagulayo, ukhipha amademoni, uprofetha, iziphiwo, o, imibono, yonke into eBandleni. Haleluya! Kunjalo. Uma kuhamba, khona-ke kungukudida okuncinyana kulabo abangakaze baluzwe lolohlobo lwecilongo.

151 "Awu," uthi, "ibandla lami alikufundisi lokho." Khona-ke alishayi icilongo leVangeli. Udumo! Kunjalo.

152 Kodwa kulawo masosha aqeqeshiwe, haleluya, ngenkathi ezwa lokho kukhala kwecilongo, ayazi ukuthi ame kanjani ngomumo. Qhubeka, sosha elingumKristu! Udumo! O, lokho kuyaqondakala!

"Wazi kanjani ukuthi kuyaqondakala na?"

KuseZwini.

"Awu," wena uthi, "ibandla lethu alikufundisi Lokho."

153 Kodwa icilongo liyaKukhalisa. Angifuni ukuqeqeshelwa esivumwenikholo sebandla, ngoba siyozamazama futhi siwe. Kodwa uma uqeqeshelwe eZwini, kuyodlula amazulu nomhlaba, naleliZwi alisoze ledlula. Sonke isivumokholo, yonke into, iyowa. Kodwa leliZwi alisoze lehluleka. Amen. Lokho ngukukhala. Lokho ngukukhala engifuna ukukuzwa. Yebo, mnumzane.

"O," wena uthi, "ngazi kanjani na?"

154 UJesu wathi, "Izimvu zaMi ziyalizwa izwi laMi. Ziyalazi icilongo laMi." Wathi, kuJohane oNgcwele, isahluko se 14 nevesi le 12, "Okholwa yiMi, imisebenzi eNgiyenzayo naye uyakuyenza." Manje, Wakusho lokho.

Uma umuntu ethi, "Awu?"

155 AmaHeberu 13:8 athi, "UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade."

"O," bathi, "ngendlela ethize."

156 Manje, imvu yangempela iyothi, "Ahho. O, into ethize iklwiklwizile, kulokho. Lokho akuzwakalanga kahle. O, lolo kufanele kuthi kade kuluphondo lwaseFransi. Lelo bekungesilo icilongo, ngoba iBhayibheli likhala ngezwi elingaqondakaliyo."

157 Lithi, "Niyakwamukeliswa uMoya oNgcwele." Hhayi ukuthi, "Ningahle." "Niyakwemukeliswa, wonke umuntu." Kuze kube nini na? "Kubantwana benu, nakubantwana babantwana benu, nabo okude, ngisho nabaningi iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza." Kuyokhalisa icilongo kuzozonke izinhlanga nazozonke izizwe, futhi ziyolizwa iphimbo laKhe. ZiyoLikholwa, labo omiselwe ukuPhila. Amen. BayoLikholwa ngoba bayazi ukuthi Lingukukhala kwecilongo leVangeli. Alisilo elingaqondakaliyo. Lonke isosha liyazi ukuthi kumiwa kanjani.

158 Manje, nimbonile uPetru, noJohane, uJakobe, nebandla lasekuqaleni, bemasha beya phambili ngapha, ngoba icilongo, uJesu, wathi, “Hambani niye ezweni lonke, nishumayele iVangeli.” UMarku 16, niyabo, “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.” Sibona uPetru, uJakobe, uJohane, bonke belayinile, bemasha beya kuLokho.

159 Futhi sijikisa abanye ngenye indlela, basuke kuLo na? Omunye uyaphambili, omunye uya emuva na? Omunye ethi, “Awu, lokho kwakungokomunye. Lokho, lokho—lokho kukhala, kwakungokomunye.” O, qhabo. Kungeke kwaba yilokho.

160 Wonke umbutho wamaKristu uzwa icilongo. UNkulunkulu wathi lelo kwakuyicilongo. Angeliguqule. Lokho ngukukhala Athi liyokhala ngakho. “Lokhu bonke abantu bayokwazi,” futhi lisuka lihamba iBandla.

161 Abanye babo abakholelwa ekuFikeni kwaKhe kwangempela. IBhayibheli lathi Uyofika, ngakho sibheke ukuFika kwaKhe. Uma Engekho lapha kulobubusuku, sizobe simbheke ekuseni. Uma Engekho lapho ekuseni, sizobe siMbheke kusasa ebusuku. Futhi sizobe silokhu sibhekile. Uma silala, owethu—owethu . . . singaqulekelanga ize. “Ngokuba icilongo likaNkulunkulu liyakukhalisa lelo cilongo lokugcina, nabafile kuKristu bayakuvuka. Futhi thina esiphilayo futhi sisekhona siyohlwithwa kanye nabo, ukuhlangana neNkosi emoyeni, futhi sibe lapho kuze kube phakade.” Lokho ukukhala kwecilongo. Noma ngabe ngiyaphila noma ngabe sengihambile, akwenzi mehluko. Ngiyozwa ukukhala. Ngiyovuka. Udumo kuNkulunkulu! Vuka. O, yebo. Yebo.

162 UJesu washo, ukuthi, “Izimvu zaMi ziyalizwa izwi lwaMi.” WayeyiZwi lenziwe labonakaliswa. Ngenkathi i . . . ZiMazi kanjalo-ke izimvu zaKhe.

163 Manje bukani abaFarisi nabo ngalolosuku. “O,” bathi, “loMuntu unguBelzabule.” Ngenkathi Etshele owesifazane emthonjeni, lapho, ngezono zakhe, amadoda akhe ayekade enawo. Ngenkathi Etshele uNatanayeli lapho ayekhona, phansi komuthi lapho uFilipu ambiza khona, phandle phansi kwesihlahla somkhiwane, ekhuleka. Ngani, labo bafundisi balolosuku bathi, “LoMuntu nguBelzabule. Ungudeveli. Ungumbhuli.”

164 Kodwa lokho kwakungenjalo ngoPetru, uJakobe, noJohane, nabo bonke. Bakwazi. Ngani na? Babazi ukuthi uNkulunkulu washo ukuthi nxa uMesiya efika, phansi kwephimbo eliphefumulelwe likaMose, Uyoba ngumprofethi. Futhi ngenkathi bebone lezozinto Azisho zibonakaliswa futhi senziwa zaphelela, bazi ukuthi kwakungukudla kwezimvu. Bazi ukuthi lelo kwakuyicilongo. Futhi baqala ukukulandela. “Izimvu zaMi ziyalazi,” ngoba babone iZwi likaNkulunkulu libonakaliswa.

165 Manje, abantu namhlanje, abakholwa ukuthi kukhona into enjengombhaphathizo kaMoya oNgcwele. Thana ngqi phakathi lapha noma ndawondawo lapho abanoMoya oNgcwele khona, futhi babona isithembiso sikaNkulunkulu sigcwaliseka nje impela, ngani, "Izimvu zaMi ziyalizwa izwi laMi." Ziyakwazi ukukhala kwalelocilongo ngoba yiBhayibheli. "UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade." Useyiwo amaHeberu 13:8, impela.

166 Anginandaba, manje, akwenzi nomnci umehluko ukuthi zingaki izimpondo zamabandla olubethwayo. Sinenqwaba yezimpondo ezitutuzayo zamabandla, niyazi, zihamba zitutuza yonke into, zithi, "O, izinsuku zezimangaliso selwedlule. Ayikho into enjengokuphilisa ngokukaNkulunkulu."

167 O, izimvu zangempela azikulaleli lokho. Kodwa zilalela lelocilongo, lokho okuvumayo.

168 Lolophondo lwebandla lungahle lukhale noma yini. Ningahle. . .Bukani ukuthi selifinyelele kuphi namhlanje, izimpondo zebandla. Olunye lugijima *ngapha*, nolunye lugijima *ngapho*. Nodeveli uhlezi uqhiyeme, uthi, "Mfana, balwa bodwa nje. Yilokho kuphela. Angidingi ngisho nokuthi nginyakazise isandla sami."

169 Kodwa, mfowethu, ake bonke beze ezikhalini kanye, babuyele eziyalweni zenduna. O, he! Khona-ke uzobona elithi "phambili, masosha angamaKristu," kunjalo, bengalalele izimpondo, kodwa belalele icilongo.

170 Ake sime nje, umzuzu nje, futhi sibuyele emuva futhi sibuke abambalwa manje. Silungiselela ukuvala, ngoba angifuni ukunihlalisa lapha isikhathi eside kakhulu. Kodwa asibuyele emuva futhi sibuke abanye abezwa lokhu ukukhala. Asithathe. . .Futhi babeqinisekile. Manje, nginikhombisile ukuthi yonke enye into ayiqondakali. Asithathe nje umlingiswa oyedwa omdala, umzuzwana.

171 Asithathe umprofethi uJobe. Manje, leyondoda yedlula ekuvivinyweni, kodwa yayazi ukuthi uNkulunkulu wayedinga umnikelo wokushiswa. Yilokho uNkulunkulu ayekudinga, futhi yilokho kuphela Ayekudinga. Futhi akunandaba ukuthi ingakanani inhlekelele eyenzeka ekhaya lakhe. . . UNkulunkulu njalo aka. . .

172 Uma ubona into ethize ihamba ngokungalungile ngomfo, lokho akusho khona ukuthi ubhaxabulwa nguNkulunkulu. Kungahle kungabi ngukuthi uphumile entandweni kaNkulunkulu. Uyazi enhliziyweni yakhe ukuthi ulalele icilongo yini noma qha.

173 UNkulunkulu wayedinga lomnikelo wokushiswa, noJobe wama phezu kwawo ngqo. Yilokho kuphela. Bathi, "Jobe, uyisoni esicashile. Wenza into ethize engalungile." Kodwa

wayazi kangcono. Wahlala lapho ngqo, ngoba wayekuzwile ukukhala kwecilongo, futhi wahlala lapho ngqo nakho.

174 Futhi, ekugcineni, ezansi ngqo ekupheleni kokugcina, ngenkathi waye. . . Udeveli wayededelwe kuye, futhi wathatha umndeni wakhe, futhi wathatha abantwana bakhe, wathatha amakameli akhe, futhi wathatha yonke ingcebo yakhe, futhi wabhidliza impilo yakhe uqobo. Wahlala ezaleni. Kwakubukeka sengathi yonke into yayihambile. Kodwa noma kunjalo wathi, "Ngiyazi uMhlengi wami ukhona. Ngezinsuku zokugcina Uyoma emhlabeni. Noma izibungu zesikhumba sibhubhisa lomzimba, nokho enyameni yami ngiyakumbona uNkulunkulu." Akukho ukungaqondakali ngalokho, kwakukhona na? Akukho, "Ngi—ngi—ngi—ngithi ukucabanga ukuthi Uyaphila." Wathi, "Ngiyazi Uyaphila, futhi Uyoma ngezinsuku zokugcina phezu komhlaba. Noma izibungu zesikhumba sibhubhisa lomzimba, nokho enyameni yami ngiyakumbona uNkulunkulu." O, he! Kwenzeka. Wayeqinisekile.

175 UAbrahama, phandle ehamba endle ngolunye usuku, wezwa uNkulunkulu ethi, "Abrahama, ngiyahamba. . . " Wahlangana noAbrahama phambi kweZwi elilotshwe, Wayesethi, "Abrahama, Ngizokupha indodana ngomkakho, uSara." Futhi wayeneminyaka engamashumi ayisithupha-nahlanu ubudala ngalesosikhathi, noAbrahama wayenamashumi ayisikhombisa nanhlanu. Futhi bakulungiselela, futhi wayengenamahloni ukufakaza. Wayazi ukuthi wayezoba nendodana.

176 NeBhayibheli lathi, "Akangabazanga ngesithembiso sikaNkulunkulu ngokungakholwa, kodwa wayeqinisekile ngokugcwele." Amen. Eqinisekile ngokugcwele, lokho kuchaza ukuthi uhlangane nesigcino. Amen. Yilokho ke. Isigcino ngukuphela komgwaqo. Yinto yokugcina. Yi—yikho konke kwakho.

Wathi, "Ngiqinisekile ngokugcwele ukuthi, lokho uNkulunkulu akwethembisa, uNkulunkulu unamandla okukwenza."

177 Ngabe nina, kulobubusuku, ngabe niqisekile ngokugcwele ukuthi lona nguMoya oNgcwele na? Ngabe niqinisekile ngokugcwele, yile indlela na? Ngabe niqinisekile ngokugcwele, UnguMphilisi na? Ngabe niqinisekile ngokugcwele ukuthi Uyabuya na? Ngabe niqinisekile ngokugcwele ukuthi Nguyena izolo, namuhla, naphakade na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Amen. Niqinisekile ngokugcwele! Yebo.

178 Ake sithwale omunye, uElija, emi phezulu lapho entabeni. Wayeqophisane noJezebeli nobuso bakhe obupendiwe, futhi wayesethi akakhathale yikho. Ngabo bonke abesifazane belingisa inenekazi lokuqala, mhlawumbe izinwele ezigundwe kwabasakhanda elingamanzi nanoma yini ababenakho

ngalolosuku. Wayeqophisane ngakho kakhulu ngangokuthi kwa—kwasekuthi akumehlise.

179 Ngokuqondile, uNkulunkulu wathi kuye, "Yehlela lapho. Uyazi, lina cishe njalo izinsuku ezimbili noma ezintathu ngeviki, ngapha. Yima kuAhabi, futhi umtshele, 'ISHO KANJE INKOSI. Amazolo awayikuwa evela ezulwini ngize ngiwabize.'" O, he!

180 Akazange athi, "Manje, Ahabi, mhlampe, mhlawumbe kungahle kusebenze ngalendlela." O, qhabo. Wayeqinisekile ngokugcwele, akukho lutho olungaqondakali. "Amazolo awayikuwa, izimvula aziyukufika, ngize ngizibize." Amen. Udumo! O, ngani? Wezwa icilongo. Laliqondakala. Wayemazi uNkulunkulu waKhe. Wayeyazi into ethize. Ngenkathi uNkulunkulu ekhuluma lelozwi, kodlula onke amazulu nomhlaba kuze kwe—kwenzeke. Kwakuyodingeka kwenzeke. Wayeqinisekile ngempela.

181 Manje, Wathi, "Elija, Ngifuna wenyukele lapho endaweni eyome kunazo zonke ezweni, uyothi ngqu phezulu entabeni lapho okungekho ziphethu khona. Kodwa Nginaso esakho esisodwa phezulu lapho."

182 Wayeqinisekile ngokugcwele. Wakhwela entabeni wayesehlala phansi ngasemfudlaneni iKeriti. "Futhi manje ngizokwenzani phezulu lapha na?"

"Sengivele Ngiyale amagwababa ukuba akondle."

183 "Manje, linjani lawomagwababa. . .Manje, awulinde umzuzu, Nkosi"? Qhabo, qhabo. Icilongo lakhala. Lokho kwenele. "Kuzokwenzeka kanjani na? Angazi. Anginandaba. Niyabo? Akusikho okwami ukuba ngikhathazeke ngalokho. Lowo ngumsebenzi kaNkulunkulu. Wathi Wayala amagwababa."

184 "Awu, Nkosi, Ungangisiza ungihlaziyele khona, futhi ungitshele nje ukuthi kukuphi lapho wona. . .yisiphi isikole lawomagwababa aya kuso lapho, ukufunda ukhuluma isiHeberu na? Nhloboni ye. . .Ngabe apheka ezitofini zegesi, noma ngabe anomlilo wezinkuni, noma akwenza kanjani na? Futhi azokwenza kuphi. . .Hlobo luni lwesilwane azolubulala? Ayinyoni encane nje. Azongibulalela kanjani inyama yenkomo, ukungilethela isemishi lenyama yenkomo na?" Niyabo? Niyabo? Lokho akubuzwanga.

185 UNkulunkulu, i—icilongo likaNkulunkulu, iphimbo laKhe lakhala lase lithi, "Ngi!" Hhayi ukuthi, "Elija, ngingahle Ngikwenze." "Ngikwenzile. Ngizokwenza. Sengivele ngikwenzile." Amen.

186 Lowo nguNkulunkulu wethu, kulobubusuku. Hhayi ukuthi, "Uzokwenza." Usevele ukwenzile. Amen. Usevele ukwenzile. Amen. Hhayi ukuthi, "Uzokwenza; Angahle

akwenze; mhlawumbe Uzokwenza." Usevele ukwenzile. "Ngiyale amagwababa."

187 Wayala uMoya waKhe kubobonke abantu. Wayala izibusiso zaKhe. Wenyukela Phezulu, futhi upha abantu iziphiwo. Umuntu mumbe uzokuthola. Umuntu mumbe uzokwenqaba. Akusiwo umsebenzi wami ukuthi kufika kanjani. Kungukuthi nje inqobo uma kufika lapho. UNkulunkulu wathi kuyobanjalo, futhi kunjalo. UPetru wathi, ngoSuku lwePhentekoste, "Phendukani, yilowo nalowo, nibhaphathizwe, iGama likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu, khona niyakwemukeliswa isiphiwo, uMoya oNgcwele." Uzofika kanjani na? Angazi. "I—isithembiso ngesabantwana benu, kubo okude, ngisho abaningi iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza." Manje, wawungeke ukuchaze lokho ukuchezukise. Icilongo selivele likhalile, futhi ngiyakukholwa. Ngakulalela, futhi ngakuthola. Amen. Manje zama ukuphikisana nami ngakho kanye. Amen. O, angiphelele. Qhabo.

188 Njengalobobusuku, udadewethu omdala oyikhaladi, wathi, "Lunga elidala, nginganikeza ubufakazi na?"

"Yebo, mam."

189 Wathi, "Ngifuna ukusho lento eyodwa." Wathi, "A—a—angisikho engifuna ukuba yikho." Futhi wathi, "Angisikho engangifanele ukuba yikho. Kodwa, iyodwa into engiyaziyo, angisikho engangivame ukuba yikho."

190 Ngakho, lokho, yileyondlela esizwa ngayo ngakho manje. Angisikho lokho engangivame ukuba yikho, ngoba ngisindisiwe kulobubusuku, ngomusa kaNkulunkulu, futhi ngemukela umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, phezu kokuthunywa. Wathululelwa phandle lapho ngoSuku lwePhentekoste, isithembiso sinikeziwe, futhi ngasikholwa. Akukho lutho okungaqondakali. Ngakwuzwa ukukhala. Ngakulalela, futhi ngiqinisekile ukuthi kuyilokho okuyikho. Impela. Ngiyazi kuqinisile. Impela.

191 USimeyoni, isazi esidala cishe iminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala, selokhu kwaba ngamakhulu eminyaka ngisho umprofethi esemhlabeni, kodwa ehamba ezulazula ngedumela elikhulu. UMoya oNgcwele wakhuluma naye ngolunye usuku, wathi, "Simeyoni, uyazi, awuzukufa uze ubone insindiso yeNkosi." Udumo!

192 Mhlampe umpristi omkhulu, ehlikihla intshebe yakhe imizuzu embalwa, futhi wathi, "Simeyoni, ufanele ukame intshebe yakho kolunye uhlangothi."

Wathi, "Lokho akwenzi nomnci umehluko."

"Wazi kanjani ukuthi uqinisile na?"

"UMoya oNgcwele wangitshela kanjalo. Angizukufa."

193 "Ngani, Simeyoni, ngani, wena u . . . Ngani, ulungele ukufa khona manje."

194 "O, angikhathali ukuthi uthini. Kodwa uNkulunkulu wangitshela ukuthi angiyikukubona ukufa ngize ngibone insindiso yaKhe. Akukho lutho olungaqondakali. Angeke ngife. Angeke ngikubone ukufa ngize ngiMbone." Amen. Yilokho.

"Uzokwenza kanjani, Simeyoni na?"

"Mina, lokho akusiwo umsebenzi wami."

"Ukuphi, Simeyoni na?"

"Angazi."

"Wazi kanjani ukuthi uzoMbona na?"

195 "UNkulunkulu washo kanjalo. Yilokho. YiZwi. Angizukukubona ukufa ngize ngiMbone." O, he!

196 "O, umfo omdala bandla. Kusobala, usangene ekhanda lakhe, uyazi. Ngakho myekeni kanjalo nje."

197 Kodwa waMbona, empeleni. Yebo, mnumzane. UNkulunkulu ubenzela indlela labobantu abayothatha iZwi laKhe.

198 UJesu, ngenkathi Elapha emhlabeni, futhi Wayemi lapho ethuneni likaLazaru.

199 Noma, ngaphambi kwalokho, ngenkathi Esentshumayelweni na—nabantu, yokukhuluma ngokuthi kanjani Yena, nokho engakevi eminyakeni engamashumi amanhlanu ubudala, futhi wathi Ubone uAbrahama. Niyaqaphela ukuthi Wayeqiniseke kanjani na? Wathi, "UAbrahama engakabibikho, NGIKHONA. NGIKHONA." Hhayi ukuthi, "Ngangikhona, noma Ngiyoba khona." Kodwa, "NGIKHONA. Ngiqinisekile."

200 Khona-ke, Wathi, ethuneni likaLazaru. Ngaphambi kokuba ehlele lapho, Wathi, watshela uMarta. Wathi, "Ngingukuvuka, ukuPhila." Hhayi ukuthi, "BeNgifanele ukuba nguye, noma Ngiyoba nguye." Kodwa, "NGINGUYE." Amen.

201 "Umnewethu, uma Ubukhona, nga engafanga. Kodwa nakalokhu, Nkosi, noma yini Oyicela kuNkulunkulu, uNkulunkulu uyakuKupha khona."

Wathi, "Umnewenu uzovuka futhi."

202 "O, uyakuvuka ngezinsuku zokugcina, ekuvukeni okukhulu. Wayengumfana olungileyo. Ya, ngiyakholwa uzovuka."

203 Kodwa uJesu waziqondisa Yena kancane, uqobo, wama, wathi, "Kodwa Ngingukuvuka nokuPhila." Hhayi ukuthi, "Ngiyoba nguye; beNgifanele ukuba nguye," noma okunjalo kanjalo. "NGINGUYE." Akukho lutho lapho, akukho lutho okuvayizelayo, ukuzamazama ngalokho. Akukho lutho okungaqondakali. Kwakuqinisekile.

204 "Ngingukuvuka nokuPhila. Okholwa yiMi, noma efile, nokho wophila. Ophila akholwe yiMi akasoze afa." Manje, hhayi ukuthi, "Bangahle bengaphili; mhlampe abayikukholwa." "Abayikufa." Lutho, akukho lutho olungaqondakali ngakho. Abayikufa.

205 "Ozwa amaZwi aMi akholwe NgoNgithumile unokuPhila okungunaphakade, futhi akayikuya ekwaHlulelweni, kepha usevele wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni."

206 "Abafanele beze ekwaHlulelweni"? Abayikuza ekwaHlulelweni. Amen. Wathatha ukwaHlulelwa kwami. Anginamsebenzi lapho. Amen. Nakho lapho okhona. "Wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni." O!

207 Manje wathi wakukholwa. Manje, uJesu akazange athi, "Awu, niyazi, ngokuthi uyakukholwa lokho, futhi uyazi ukuthi NgiyiZwi, futhi—futhi Ngi—Ngi . . . Niyazi NgiyiLowo owayezofika. Ukuvumile lokho. Uyakukholwa. Ngizonitshela ukuthi yini esingahle siyenze. Asihambe siyohlanganisa amalunga, futhi sehle futhi sibone uma singenza noma yini ngakho." Qhabo, qhabo. Wathi, "Ngizo . . . " Hhayi ukuthi, "ngihambe ngehle futhi *ngibone* uma ngingamvusa." "Ngizohamba ngiyomvusa." Amen. Hhayi ukuthi, "Ngizo—ngizozama." "Ngizokwenza." Akukho lutho olungaqondakali. Lokho kwakungesilo izwi elingaqondakaliyo, ngenkathi Ethi, "Ngiyokwenza. Ngiyokwenza."

208 Futhi Yena lowo ofanayo wathi, "Ngiyo," kwenzela isithembiso. Haleluya! O, he! Amen.

"Ngizohamba futhi ngimvuse."

209 Futhi Wathi, "Dilizani lelithempeli, futhi Ngizobona ukuthi Ngizokwenzani ngalo"? "Dilizani lelithempeli, futhi Ngiyolivusa futhi ngezinsuku ezintathu." Akukho lutho olungaqondakali. "Manje Ngizozama. Nonke ningahle nime nizungeze futhi nibone uma Ngingakwenza noma qha"? A, qhabo. "Ngiyolivusa." Akukho okungaqondakali. "Ngiyolivusa. Nina—nina lidilizeni; Ngiyolivusa futhi." O, he!

210 Ngani na? Wayazi ukuthi WayeyilowoMuntu, emBhalweni, uDavide akhuluma ngaye. "Angiyikushiya umphefumulo waKhe ehayidese, aNgiyikuvuma ONgcwele waMi abone ukubola." Futhi Wayazi ukuthi Wayefakiwe kulesosithembiso somBhalo, ngakho ngakho-ke Wayeqinisekile.

211 Manje, singebe yilokho kuqiniseka na? SiyaMthatha, abe yisibonelo, ngezinye izinto. Inqobo nje uma iZwi likaNkulunkulu lakusho, singeke yini saqiniseka impela ngeZwi njengoba Wayenjalo ngalo na?

212 "Ngingukuvuka nokuPhila." "Ngiyolivusa futhi." Amen. Ngani na? Wayazi ukuthi iZwi lakhuluma ngalo, futhi Wayeqinisekile ukuba aphume.

213 Uma Ngiyilowo muntu laphaya kuJohane 5:24, "Ozwa iZwi laMi akholwe NgoNgithumile, unokuPhila okungunaphakade, futhi Ngiyakumvusa ngezinsuku zokugcina. Akayikuza ekwaHlulelweni; wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni." Lowo—lowo yithi. Futhi sesabani na? Yini indaba na?

214 Kwenza mehluko muni ukuthi ufake luphi uhlobo lwegama na? Uzibiza nga*lokhu*, *lokho*, noma o*kunye*. Singabantwana bakaNkulunkulu, ngomusa kaNkulunkulu. Sigcwaliswe ngoMoya oNgcwele, ngomusa kaNkulunkulu. Kwenza mehluko muni ngokuthi ngabe *lona* uyi*lokho* noma *lokho*, uma eyiPresbyterian, iMethodisti, iBaptisti na? Uma egcwaliswe ngoMoya oNgcwele, unokuPhila okuvusayo kuye. Amen. Yebo. Manje, ngoSuku lwePhentekoste . . .

215 UJesu wabatshela, kuLuka 24:49, "Bhekani, Ngiyathuma isithembiso." Hhayi ukuthi, "Ngingahle ngikwenze. Ngizobona ukuthi Ngingenzani ngaso." "Ngiyakuthuma isithembiso sikaBaba waMi phezu kwenu. Kodwa yenyukelani lapho emzini waseJerusalema futhi nilinde nize nembathiswe amandla."

216 Manje, ukuba babeyolindisana, bathi, o, izinsuku eziyisithupha, bathi, "Silinde phezu kwani na? Ngikholwa ukuthi besifanele sikwemukele ngokukholwa. Anicabangi kanjalo na?"

217 Ukuba ke uJakobe wathi, ngo—ngosuku lwesishiyagalolunye, wathi, "Simoni, awuze lapha umzuzu. Uyazi, ngolunye usuku ngaba nomuzwa othi ukuba yinqaba. Niyabo? Futhi uyazi ukuthi ngikholwa yini? Ngi—ngi—ngikholwa ukuthi nje Akasifuni silinde ngapha. Ngikholwa ukuthi se—sesivele sinawo. Awucabangi kanjalo na? Asiqhubeke nomsebenzi wethu. Asiqhubeke nenkonzo yethu"? O, ngabe akwenzekanga neze.

218 Ngani na? Bazi ukuthi umprofethi washo. Manje lalelani. Umprofethi wathi, "Umthetho umele ube phezu komthetho, umudwa umele ube phezu komudwa, phezu komudwa; incosana lapha nencosana lapho." "Bambelelani kulokho okuhle." "Ngokuba ngezindebe ezingingizayo nangezinye izilimi Ngiyakukhuluma kulababantu. Nalokhu ngukuphumula, isabatha." Babazi ukuthi into ethize yayifanele yenzeke uma Ufika.

219 "Ngiyakuthulula uMoya waMi ngosuku lokugcina." UJoel 2:28, "Kuyakuthi ngezinsuku zokugcina, usho uNkulunkulu, Ngiyakuthulula uMoya waMi phezu kwayo yonke inyama, namadodana enu namadodakazi ayakuprofetha. Phezu kwezincekukazi zaMi nezincekukazi eziyizisebenzi Ngiyakuthulula uMoya waMi, ngalolosuku. Ngiyakubonakalisa izibonakaliso ezulwini phezulu na—nasemhlabeni phansi, nomlilo, nentuthu, nomusi."

220 Bazi ukuthi kwakufanele kube nesehlakalo esithize esiphelezela lokho kufika kukaMoya oNgcwele. Babengathathi

khona ukukhala okungaqondakali. Kodwa ngenkathi bezwa leyonto ethize inyakaza, futhi babone ubufakazi obubonakalayo beBhayibheli bunyakaza nayo, babengesibo abangaqondakali. Baphumela ngqo ezitaladini. Ngiyaxolisa. O, he! Babeqinisekile ukuthi kwakunguMoya oNgcwele.

221 Niyazi ukuthi babeqinisile kanjani na? Waze, uPetru, lowomfo omncane ongafundile, wagxumela esiqwini noma ibhokisi, noma ndawondawo, wathi, "Madoda aseJudiya," isifuba esincane siqhunsuliwe njengeqhude elibhashile. Wathi, "Madoda aseJudiya, nina enakhileyo eJerusalema! Benginesaba, esikhashaneni esedlule; anginesabi, manje. Makwazeke lokhu kini, nibeke indlebe emazwini ami. Laba kabadakiwe njengoba nicabanga. Kepha *lokhu* yiLokho . . ." "Sithemba ukuthi *lokhu* yiLokho; sikholwa ukuthi *lokhu* yiLokho"? Wathi, "Lokhu yiLokho okwakhulunywa ngomprofethi uJoweli." Haleluya! Akukho lutho okungaqongakali ngakho. "*Lokhu* yiKho okwakhulunywa ngomprofethi uJoweli." O, he!

222 UJesu wathi, kuMarku 16, ethume iBandla laKhe, "Hambani niye ezweni lonke, nishumayele iVangeli." "Lezizibonakaliso mhlampe bezifanele; ziyo, ngasikhathi, mhlawumbe"? "Ziyakubaphelekezela labo abakholwayo. Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. NgeGama laMi bayakukhipha odeveli. Bayokhuluma ngezilimi ezintsha. Uma bephatha inyoka noma baphuze okubulalayo, akuyikuba nangozi kubo. Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayosinda." Hhayi ukuthi, "Mhlawumbe." "Bayosinda. Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo."

223 Ake ngikusonge, ngokusho lokhu, mfowethu, dadewethu, okwemizuzu embalwa elandelayo. Ngiyakukholwa. Ngikholwa ukuthi yonke into, noma yini ephambene naLokho, ayilungile. Ngiyakholwa, yonke into emelene naLokho iyowa. Ngiyakholwa, anginendaba ukuthi bungaki ubukhomanisi, noma zingaki eza*lezi* izimfundiso ezigqamileyo na*leyo* imfundiso egqamileyo, nobusonto nobuRoma, nakho konke okunye, ubuMelika nayo yonke enye into iyowa.

224 Kodwa leloZwi liyoma Phakade, ngoba LiyiZwi. Futhi lingakabi yiZwi, lizofanele libe ngumcabango. Nezwi ngumcabango ozwakalisiweyo. NoNkulunkulu, ePhakadeni, kufika emqondweni waKhe. Wayizwakalisa imicabango yaKhe. Uba yiZwi, neZwi lizofanele libonakaliswe.

225 Yingalesosizathu, ngenkathi Ekhuluma ngoMesiya, kwafanele kufike uMesiya. Wakhuluma ukuthi kuyobakhona iBandla ngezinsuku zokugcina, elingenasici noma nambimbi kulo; kuyobakhona iBandla lapho. Haleluya! Wakusho. Kuthatha iZwi laKhe. Ngiyalikholwa.

226 Ngikholwa ukuthi Wathembisa uMoya oNgcwele kulolonke ikholwa eliyokholwa. Ngikholwa ukuthi uPetru, ngoSuku

lwePhentekoste, ngenkathi eshumayela leyontshumayelo edumile, futhi wabatshela bonke ukuba baphenduke futhi babhaphathizwe, ukuthi lezizibonakaliso ziyofika, na*lesi*. "Noma ubani obize iGama leNkosi uyosindiswa." Ngikholwa ukuthi lelo yiQiniso; ngama kulo. Ngilibonile libonakaliswa.

227 Ngiyazi ukuthi ngilwa nakho. Futhi ngiyazi ukuthi ngizama ukwenza inyathelo. Ngaphambi kokuba ngenze inyathelo, ngizofanele nginqume ngisuse yonke intandela, ikhakhasi eliluhlaza, yonke enye into, ukuyisusa endleleni. Kodwa njalo uma wenza isinyathelo, uqhubekela phambili. Amen. Thatha ummese nje futhi ukunqume.

228 Abaningi benu bayamkhumbula uPaul Rader, umngani oyigugu kakhulu. Ngangisengumshumayeli ongumfana nje, umfanyana. Ngangivame ukwenyukela eFort Wayne, ngimlalele, eRedigar Tabernakele. Umfo omkhulukazi! Wayeya le emuva, enyusa ibhulukwe lakhe, aphakamise isandla sakhe bese ebhavumula njengebhere, futhi ngangiye ngicabange ukuthi uzogxumela epulpiti. Ngenkathi aye. . . Futhi wayeqala ngendikimba, ya, uGenesisi, futhi aphethele eSambulweni, konke emuva naphambili. UPaul wayeyindoda ngempela.

229 Exoxa ngolunye usuku, wathi, "Ngangivame ukuba ngumthwali wezingodo enhla eOregon," lapho avela khona. Wathi, "Ngolunye usuku, uyazi," wathi, "Nga—ngangisemasimini ezimishini nje, le ngale ndawondawo." Ngiyakhohlwa manje ukuthi kwakukuphi. Futhi wayenza umsebenzi wokuba yisithunywa senkolo.

230 Wayekholelwa kuNkulunkulu, ekholelwa ekuphiliseni ngokobuNkulunkulu. Futhi uPaul wathi, khona lapha lapho ibandla lomhlaba limi khona namhlanje, wathi, "Ukuba ngangithengise umlayezo wami womusa kumaPentecostal abomv'umlilo, esikhundleni sokwenza lokhu engikwenzile lapha nani sigejane," wathi, "futhi ngazibangela ukuba ngikhathazeke, ngabizelwa endaweni enezikweletu eziyizinkulungwane eziphindwe kazinkulungwane zamadola. Ngizikhathaze mina ngaze ngathola umdlavuza, futhi ngiyafa manje. Ukuba ngangithengise umlayezo wami womusa kumaPentecostal abomv'umlilo, uNkulunkulu ubeyongibusisa ngokuchichimayo ngakho." Kunjalo.

231 Wathi wayesezansi lapho e—emenweni, futhi wathola imfiva emanzi amnyama noma okuthize. Yayesabeka. Futhi wayesemuva le phandle emenweni, nekholwa eligxilile ekuphilisweni ngokukaNkulunkulu. Futhi wathi waya ngokugula ngokugula. Wakhuleka, wakhuleka. Nezinye zezithunywa zenkolo zathi zazizothatha isikebhe nje futhi zihambe ziyolanda udokotela. Ngani, kwakuzozithatha izinsuku ukulanda udokotela. Wayesethi, "Ngi—ngi. . . Ningakwenzi

lokho. Kuyekeni kanjalo nje.” Wathi, “Uma uNkulunkulu engangiphilisi, khona-ke ngiza eKhaya.”

232 Ngakho wathi umkakhe wahlala ekamelweni naye. Kwaya ngokuba mnyama ngokuba mnyama. Futhi wathi wabiza umkakhe, wathi, “S’thandwa, bamba isandla sami.” Wathi, “Qhubeka nje ungikhulekela. Sekuba mnyama manje.” Wathi, “Ngi—ngikholwa ukuthi amathunzi ehla ngapha nangapha kimi.” Wathi, “Bamba. . .Bamba isandla sami nje futhi ukhuleke, ngisaphuma.” Wazibopha, ukuba ayohlangana noNkulunkulu.

233 Wathi nje ukwehlelwa yisiyezi. Futhi wathi waphupha ukuthi wayesemuva ngapha eOregon futhi, njengensizwa, egawula imithi yamapulangwe. Futhi wathi ubasi wasekhempini wathi, “Paul, yenyukela lapha ecaleni elithize legquma, bese uwisa umuthi othize, usayizi othize.”

234 Wathi wagijimela phezulu egqumeni ngemilenze yakhe yobusha, wayesewushaya ewulahla phansi umuthi, wase ewulungisa, wagxumeka imbazo phansi. Washo ukuthi leyophayini ethambile, eyakhe ebukhali, enkulu, imbazo eyenziwe izincezu eziyidabuli yangena eshobeni kahle kakhulu. Wayesethi walibamba, wacabanga, “Awu, ngizovele ngilithwale nje ngehle ngegquma.”

235 Elungile, indoda enamandla, wathi, “Ngangivame ukuqeqeshwa ukuthi ngiwahlanganise kanjani amadolo ami, bese ngiqukula ngomhlane wami, ingxenye enkulu kunazo zonke yendoda.” Imisipha yakhe wawusemhlane wakhe nasemahlombe, ingemuva lemilenze yakhe. Wathi, “Ngizoqukula ugodo olukhulu,” alibeke ehlombe lakhe, asuke ahambe. Kodwa wathi, “Lolo kwakulugodo olwejwayelekile nje, kodwa,” wathi, “Nje ngi. . . ” [uMfowethu uBranham ubhampisa imayikrofoni—Umhl.] Ngiyaxolisa. Wathi, “Ngavele nje angangakwazi ukulunyakazisa lologodo.” Ngiyaxolisa.

236 Wathi, “Ngavele nje angangakwazi ukulunyakazisa lologodo.” Wathi, “Ngashudula, ngashudula futhi ngazama ukuluqukula, futhi nje angikwazanga ukukwenza.” Wathi, “Ngatheneka onke amandla aphuma kimi.” Wathi, “Angikwazanga nje ukulunyakazisa lologodo.” Wayesethi, “Ekugcineni, ngaba buthakathaka kakhulu, ngavele ngahlala phansi nje ngencika emthini futhi ngiqala ukwesula umjuluko. Ngase nje ngikhandleke ngaphela.”

237 Wayesethi, “Emva kwesikhashana, ngezwa iphimbo likabasi wami.” Kodwa wathi, “Kwakuyiphimbo elimnandi kunawo onke engake ngawezwa.” Wayesethi, “Ngenkathi ngijika, iphimbo lathi kimi, ‘Paul.’ Ngase ngithi, ‘Yebo, basi, kuyini na?’ Wathi, ‘Uludluthulela ini na?’” Wathi, “‘Awu, ungiyale ukuba ngilwehlisele ekhempini, futhi nje sengizikhandle ngaphela, ngalo. Nje ngi—nje angikwazi ukukwenza, basi.’ Wathi, ‘Paul,

awuwuboni yini lowomfudlana wamanzi egeleza khona *laphaya* na?' Wathi, 'Yebo.' Wathi, 'Lowomfudlana wehlela ngqo ekhempini. Awuluphosi ngani nje emanzini, ugxumele kulo bese ulugibela wehlele ekhempini na?' Wathi, 'Angizange ngicabange ngalokho.'"

238 Ngakho wavele nje walugingqela ngale emanzini, wagxumela kulo, wathi, "O, he!" Uqala ukusaphaza amanzi, futhi egxuma, futhi edazuluka, ngalo lonke iphimbo lakhe, lapho ehamba phezu kwemigelezo, futhi ehla edabula amanzi, yonk'into, egibele lolugodo, ehla, empompoloza, "Ngilugibele! Ngilugibele!"

239 Wathi, into yokuqala, kuthi dwe kuye, wayephandle ngqo maphakathi nephansi lendlu, nomkakhe ememeza kanye naye. Wayempompoloza, "Ngilugibele! Ngilugibele! Ngilugibele!" Bazalwane!

> Izizwe ziyehlukana, uIsrayeli uyaphaphama,
> Izibonakaliso iBhayibheli elazibikezelayo;
> Izinsuku zabeZizwe zibaliwe, ngokusindwa
>   wusizi olukhulu.
> "Buyani, O bahlakazekile, niye kwabakini."

240 LoMlayezo weZwi likaNkulunkulu uyiQiniso. Phila noma ufe, ngiLigibele. Angi . . . Angiqophisani naLo. Angizami khona ukuqophisana naLo. Ngavele ngaLithatha nje, futhi ngiLigibele. Akuvuke abagxeki. Ngiyodubula ngazo zonke izibhamu ezinkulu. Ngingena ekhempini, ngolunye lwalezizinsuku, ngigibele iZwi likaNkulunkulu. Amen. Ngiqinisekile ukufika lapho.

Asikhuleke.

241 Kungani uze udluthule nomthwalo wakho wesono na? Kungani uze ube yisimo oyiso, awazi ukuthi umi kuphi, ugijima usuka ebandleni uya ebandleni, nasekusukeni endaweni uya endaweni na? Awukujikijeli ngani nje phakathi, esiphambanweni, kulobubusuku, bese ugibela iZwi na? Awusithathi ngani nje isithembiso sikaNkulunkulu kulobubusuku bese ugibela uphume enxovanxoveni, uqhubeke uphumele komkhulu ol'hlaza s'bhakabhaka, ovuleke kanjalo na? Ungashudulisani naLo. Ungakhathazeki ngaLo. Likholwe nje, ulemukele. LinguMbuso ongenakuzanyazanyiswa. Ligibele.

242 Uma ugula kulobubusuku, thatha isithembiso sikaNkulunkulu, "NgiyiNkosi ephilisa zonke izifo zenu."

243 "Ngizosinda kanjani, Mfowethu Branham na? Udokotela uthi nginenkathazo yenhliziyo, nginomdlavuza, ngina*lokhu*, *lokho*, noma ngabe kuyini. Ngiyisithulu, isimungulu. Ngiyimpumputhe." Ini, kwenza mehluko muni lokho na? Yemukela isithembiso sikaNkulunkulu nje futhi usigibele.

244 Asithathe induku enkulukazi, futhi siyibethele phansi lapha, bese sibhala esihlokweni sayo, "Umkhuleko wokukholwa ukhulekiwe kulobubusuku. Ngizokugibela. IBhayibheli lathi, 'Umkhuleko wokukholwa uyakumsindisa ogulayo, noNkulunkulu uyakumvusa. Uma enze isono, uyothethelelwa sona.' Ngikugibele. Ngiyakukholwa."

245 Uma wenze okungalungile, uma ungophiyazayo kulobubusuku, "Osibekela isono sakhe akayikuphumelela. Kodwa oyovuma isono sakhe uyakuba nesihawu." Awusivumi ngani na?

"Awu, ngifanele ngenze njani, Mfowethu Branham na?"

246 Sivume, bese-ke ukugibela. UNkulunkulu washo njalo. Kuyokususa ngqo esonweni sakho.

247 Ngabe lowomuntu ulapha kulobubusuku, ongakaze babeke ithemba labo kuNkulunkulu ngensindiso yomphefumulo wakho, futhi ungathanda ukukhunjulwa emkhulekweni sisavala na? Ungasiphakamisa nje isandla sakho, uthi, "Ngikhulekele, Mfowethu Branham. Ngifuna ukulahla iminako yami." UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. "Ngifuna ukulahla . . . " UNkulunkulu akubusise, nkosazana. "Ngifuna ukulahla iminako yami." UNkulunkulu akubusise, mfowethu. UNkulunkulu akubusise emuva lapho, mnumzane. UNkulunkulu akubusise, ntombi. Kulungile. Lokho kulungile. UNkulunkulu akubusise. "Ngifuna ukulahlela iminako yami phezu kwaKhe futhi nje ngigibele esithembisweni saKhe manje. Ngikholwa ukuthi Wethembisa, 'Oyoza kiMi, Angisoze ngamlahlela ngaphandle.'"

248 "Hhayi ukuthi ngizizwa nginjani, 'Ngikhulekelwe izolo ebusuku, Mfowethu Branham; angizwa bungcono.'" Lokho akuhlangene naneyodwa into nakho. Angigibele phezu kwemizwa yami. Ngigibele phezu kweZwi laKhe. Liyisithembiso saKhe.

249 "Mfowethu Branham, sengike ngaba se-altare, kane noma kahlanu, ngizama ukwemukela uMoya oNgcwele. Angizange ngiwuthole."

250 Lokho akusho neyodwa into. Hlala nje ogodweni ngqo, luyokwehlisa lukuqondise ngqo ezansi ekhempini, ekhempini yamaZibulo, ekhempini yabangcwele. Uyofika lapho. Hlala nje ogodweni lwakho, bese udazuluka futhi umemeze izindumiso zikaNkulunkulu ngokunamandla nje ongakwenza. Yileyondlela yokukwenza.

251 Sisenamakhanda ethu ekhotheme, niyathanda ngempela ukulugibela na? Khona-ke, leyonto encane ekitaza enhliziyweni yakho, ungafuna ukuza lapha futhi ume phambi kwe-altare umzuzu na? Asikhuleke futhi sibeke izandla phezu kwenu. Singathanda ukuba nize.

252 Asithathe leyonto ethize encane ebekwe yazungeza inhliziyo yakho kulobubusuku, futhi uthi, "Uyazi, unephutha. Manje phakamisa isandla sakho." Kulungile.

253 Ugibela ogodweni, ugodo lwesithembiso saKhe; umuthi, isiphambano esagawulwayo. Beka izingalo zakho zizungeze lesisiphambano manje. Yenyukela lapha ngqo bese uthi, "Manje ngizosigibela. Khona manje ngizosikholwa. Ngizosemukela. Ngiyasikholwa. Angisoze ngashintsha. Ngizohlala ngqo naleloZwi, kuze kuqiniswe lelo. Bese kuthi-ke emva kokuba seliqinisiwe lelo, ngizofinyelela ngale ngqo bese ngigibela elinye, bese ngiqala ukuligibela ngqo." Niyabo?

254 Futhi izwi ngezwi, isinyathelo ngesinyathelo, nizoba nazo zonke izinto uNkulunkulu anethembisa zona. "Ngokuba konke kuyenzeka," kulowo oyolugibela. Agibele esithembisweni saKhe, ngokuba kuqinisekile ukuniletha ekhempini. Sizokuletha eBukhoneni bukaNkulunkulu.

255 Ningeza manje sisakhothamise amakhanda ethu na? Futhi sicela noma ubani ozofuna ukuma ealtare, okomzuzwana nje senzele umkhuleko.

256 "Ngikugibele, Nkosi. Nkosi, ngiyakholwa. Konke ukungabaza kwami kumbelwe emthonjeni. Nkosi, ngiyeza. Ngiyakukholwa. Ngigibela ngqo eZwini kulobubusuku, futhi ngizokukholwa ngayo yonke inhliziyo yami. Ngithatha Wena eZwini laKho."

257 Omunye wesifazane oligugu umi lapha ealtare, uku—ukuqinisekisa kuNkulunkulu ukuthi ubeqinisile ngempela. Ningeze yini, ebenikhothamise amakhanda enu, nezandla zenu ziphakeme, futhi benifuna ukukhunjulwa emkhulekweni na? Ningenyukela nje lapha na? UNkulunkulu anibusise. Yenyukani nje. Nakho-ke. Yenyukani ngqo bese nima lapha. Nithi, "Ngizolugibela. Nkulunkulu, Wenza isithembiso, into ethize ingqongqothe enhliziyweni yami, futhi ngiza khona manje ukugibela phezu kwalolo. Futhi ngizohlala ngqo kulo ngqo luze lungilethe ngqo ekhempini. Ngehlela ngqo ekhempini yabangcwele yoPhezu Konke." UNkulunkulu akubusise. Lokho kuhle. Wozani ngqo niqhubeke manje, wena ofuna ukulugibela. Indlela nje oyiyo, "Njengoba nginje, ngingenasicelo esisodwa."

258 Khumbulani. Wena uthi, "Ngabe lowo ngumuthi na?" Yebo. Kwaba nomuthi owagawulwayo, ngesinye isikhathi, futhi wabuye wamiswa futhi eKalvari. Gxumela kulowomuthi nje kulobubusuku, nezithembiso zikaNkulunkulu, iZwi elalilenga emthini.

259 Ngiwugibele. Ngizowukholwa, ngayo yonke inhliziyo yami. Ngifuna ukwenza okukhulu njengokuza lapha futhi ngixhawulane nabazalwane bami.

260 UNkulunkulu akubusise, ngokuma kwakho kobuqhawe. Ngifuna uhlale lapha, umzuzwana nje, sisakhuleka.

UNkulunkulu akubusise, mfowethu. Dadewethu oligugu, uNkulunkulu akubisise. INkosi uJesu...?...UNkulunkulu akubusise, mfowethu. UNkulunkulu akubusise, dade. "Ngihole ungiqondise." Anihole aniqondise phesheya komfula.

261 Khumbulani, njengenceku kaKristu, nginesibopho sokushunyayelwa kweZwi. Nginesibopho sobufakazi bami. Futhi bengingama lapha kulobubusuku...

262 Nendoda yeminyaka engamashumi amahlanu-nanhlanu, noma iminyaka engamashumi amahlanu-nantathu ubudala, ibe namashumi amahlanu-nane ngoApreli, futhi ime lapha futhi ikwazi lokho, ngisho nalombono wokugcina, kungahle kube yizinsuku zami ezimbalwa zokugcina emhlabeni. Ngi—ngingahle nginishiye ezinsukwini ezimbalwa. Angazi ukuthi kusho ukuthini. Lalelani iteyipu nje futhi nizenzele isiphetho senu ngqo. Angazi ukuthi kuchaza ukuthini. Bengingama lapha, futhi ngikholwa uhhafu ukuthi kungahle kube yimilayezo yami yokugcina engiyoke ngiyishumayele, kukhona lapha ePhoenix, futhi ngisho into ethize ebiyiphutha, futhi ngazi ukuthi isiphethelo sami silele phandle ngaleya, futhi ngiyohlulelwa ngamazwi ami na?

263 Bazalwane bami, angisho lokhu kini, nabodadewethu. Kade nisemihlanganweni. Niyazi ukuthini, ukubona okufihlakele nezinto. Sengake ngasho noma yini kini, eGameni leNkosi, khona lokho okufezekayo na? Ngizobuza noma ubani. Qhabo, mnumzane. Emhlabeni jikelele, nezinkulungwane zemibono, akukaze kube khona. Futhi nginitshela iqiniso kulobubusuku, iGazi likaJesu Kristu lenele ngokuyinala ukuthi lesula onke amabala, futhi belingakwenza.

Kukhona umthombo ogcwaliswe ngeGazi.

Futhi nimi kuWo manje.

Elimuncwe emithanjeni kaImanuweli,

Into kuphela eqinisekile esele emhlabeni.

Lapho izoni zibhukude khona phansi kwethantala,
Kusuke lonke ibala lazo lecala.

264 Ngizocela lababefundisi manje, nabazalwane, uma nizophumela lapha phakathi kwalababantu. Noma ngabe ngubani o...Ngabe yileyo indlela, nibiza abefundisi ukuba bakhuleke nabantu na? Bonke abefundisi phakathi lapha, khona-ke, abafuna, okhathalele ukubona imiphefumulo isindiswa, wozani lapha futhi nime njengeqembu lomkhuleko, lapho singazibopha thina uqobo ndawonye, sisuke kuyo yonke enye into, futhi sizehlukanise. Lona ngabesilisa nabesifazane onamathelisa ngophawu isiphethelo sabo, kulobubusuku, ngeGazi likaJesu Kristu, siMthatha eZwini laKhe, sigibele senyukela ngqo eBukhoneni baKhe, eZwini laKhe, futhi sithi,

"Ngilapha, Nkosi. Anginalutho engingalunikela kodwa mina uqobo, futhi ngithathe." Ungeza ume nabo, uma uthanda na? Noma ubani obengafuna ukuza, woza futhi ume. UNkulunkulu anibusise, bazalwane bami. Lokho kuhle kakhulu. Ngiyathanda ukubona amadoda enobuqhawe, akhathalele imiphefumulo. Ngiqagele, bazalwane bami, lokho kuhle. Thanini gqi ngapha ngqo. Lokho kuhle. Yimani nizungeze. Manje nje asi . . .

265 Uma umshayi wopiyano ezoza kumnyuziki, uma ethanda, asicule lelihubo, kamnandi manje, ngokusile, ngenhlonipho yokuzithoba.

266 Asizi khona kwenye into ethize efiphele. Asizi khona entweni ethize nje e—e—engukukholwa okwenziwe nje. Kodwa sizongena eBukhoneni bukaNkulunkulu, uJehova uNkulunkulu onamandla onke, Othembisile, ukuthi, "Lapho kubuthene ababili noma abathathu ngeGama laMi, lapho Ngikhona phakathi kwabo." Khuluma naYe njengoba ubungenza kumngani wakho, uthi, "Nkosi, ngiyaxolisa. Ngonile." Futhi sizocula.

> Kukhona uMthombo ogcwaliswe ngeGazi,
> Elimuncwe emithanjeni kaImanuweli,
> Lapho izoni zabhukuda ngaphansi kweThantala,
> Kusuka onke amabala azo ecala.
>
> Lelosela elifayo lajabula ukubona
> LowoMthombo ngosuku lwalo;
> Kwangathi mina lapho, nakuba ngimubi njengalo,
> Ususe zonke izono zami.
>
> Selokhu kwathi ngokukholwa ngawubona lowoMfudlana
> Owavezwa yizilonda zaKho ezigelezayo,
> Uthando oluhlengayo beluyindikimba yami,
> Futhi luyoba yiyo ngize ngife.

267 Yiba mncane ngempela nje manje. Awulutho. Akukho namunye wethu asiyilutho. Futhi ngobuqotho nje manje, ngazo zonke izinhliziyo zenu, khothamisani izinhliziyo zenu nje namakhanda, ndawo zonke, endlini yonke.

268 Baba wethu waseZulwini, ngiyazi ukuthi amaZwi aKho aqinisile kakhulu. Angehluleke. AyiZwi likaNkulunkulu. AnguNkulunkulu. Futhi Wena wathi, "Oza kiMi, Angisoze ngamlahlela ngaphandle." Nalaba besilisa nabesifazane, phansi kokuhlabeka, bazi ukuthi abalungile, baye phambili, kulobubusuku, Nkosi, ukuvuma ukuthi abalungile, bazi ukuthi bebenokushaya kwemithambo ngokunyakaza okuthize kwangaphakathi o—okubayala kuba beze eMthonjeni. Futhi nampa bayama, namakhanda akhotheme nezinhliziyo, ukuphuza emanzini amaningi okuPhila, ngesihle, athenjiswe

nguNkulunkulu. Bemukele, Baba, eMbusweni waKho. BangabaKho.

269 Wathi, "Akekho ongeza kiMi uma uBaba waMi engamdonsi kuqala. Nakho konke uBaba aNgiphe khona kuyakuza kiMi." Futhi kukhombisa ukuthi uNkulunkulu unikeze lezizinto kuKristu, kube yisipho sothando. Futhi nampa bamile, Nkosi. "Akekho ongabahlwitha esandleni saMi." Futhi ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzobalondoloza kulobubusuku, njengoba bema lapha, futhi ubaphe umbhaphathizo kaMoya oNgcwele beselapha ealtare.

270 Kwangathi amandla amakhulu kaKristu angacwilisa kakhulu izimpilo zabo manje! Bakwenzile ukuvuma kwabo. Beza ngaphambili. Wena wathi, "OyakuNgivuma phambi kwabantu, Ngiyakumvuma phambi kukaBaba waMi neziNgelosi ezingcwele." Siyawazi lowomsebenzi njengosewenziwe.

271 Manje, Nkosi, banameke ngophawu eMbusweni wesithembiso, sikaMoya oNgcwele. Siphe khona, Nkosi. Thululela uMoya waKho phezu kwabo, futhi ubagcwalise ngoMoya kaNkulunkulu ophilayo, ukuze babe yizimfakazo eziphilayo zonke izinsuku zokuphila kwabo, eMbusweni kaNkulunkulu.

272 Manje izethameli azime. Wonke umuntu emkhulekweni manje. Sizokhuleka ukuthi laba . . .

273 Manje, ngamunye wenu enenyukela lapha kulobubusuku, nizwa ukuthi beninesono enhliziyweni yenu, manje akukho lutho eningalwenza kodwa ukukholwa lokho. ONgcwele . . . Nemukela *Lona* ngokukholwa. Lokhu ngukukholwa, enikwemukelayo. UJesu wathi, "Akekho ongeza kiMi uma uBaba waMi engamdonsi kuqala. Nakho konke lokho okuza kiMi," Uyokwemukela. Angenze lutho olunye, ngoba Wakwethembisa. Niyabo? Ningaphumuli phezu kwevuso manje. Phumulani phezu kweZwi laKhe. Niyabo? IZwi lasho njalo.

274 "Ozwa amaZwi aMi akholwe NgoNgithumileyo, uno," inkathi yamanje, "kuPhila okungunaphakade, futhi akayikuya ekwaHlulelweni, kodwa wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni." UMoya oNgcwele uyisehlakalo sokugcwaliswa futhi ugcwaliswe ngamandla okukhonza. Kodwa ukuvuma nokwemukela uKristu kuzofanele kube nokukholwa futhi kwenze ukuvuma kwakho, futhi uzizwe ukhululekile ukuthi uNkulunkulu ukuthethelele izono zakho.

275 Futhi phezu kwezisekelo zeZwi laKhe, Wathi, "Akekho ongeza uma uBaba waMi engamdonsi kuqala." Niyabo? Manje, uNkulunkulu ukudonsile, kuqala. "Noyoza kiMi, Angisoze ngamlahlela ngaphandle." Niyabo? Niyabo? Nina, nikwemukelile. Into kuphela, nine . . .

276 Yena, Wanifela. Izono zenu zathethelelwa, eminyakeni engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye eyadlula. Wozani

nje manje ukuba nemukele lokho Anenzela khona. Niyabo? Futhi niyakholwa ukuthi Wafela izono zenu na? NizoMemukela njengenhlawulo yenu na? Ngamany'amazwi, Memukeleni, njengoba Athatha izono zenu.

277 Ningajabula futhi niMbonge ngokuthatha izono zenu na? Niyakholwa ukuthi Wakwenza na? Khona-ke phakamisa isandla sakho nje, uthi, "Ngiyakholwa ukuthi Uthatha isono sami," amen, "uthatha isono sami." Kulungile.

278 Manje, manje usungongenele umbhaphathizo kaMoya oNgcwele.

279 Uma ungakawemukeli umbhaphathizo wamaKristu, omunye walaba besilisa lapha uzokubhekisisa lokho, ukuthi uyawuthola umbhaphathizo wamaKristu.

280 "Kodwa manje uPetru esakhuluma lawamazwi, bengakabhaphathizwa; uPetru esakhuluma lawamazwi, uMoya oNgcwele wehlela phezu kwabo." Ngani na? Bonke babephansi kokulindela. Manje niphansi kokulindela. Nifuna into ethize manje ezo—ezoninameka ngophawu eMbusweni kaNkulunkulu, into ethize ezoba yiyo ngempela kini. Nifuna ukwem-. . . Anifuni ukwemukela uMoya oNgcwele, nonke na? Aniwufuni na? Impela, niyawufuna. Lawo ngamandla enu agcinayo. Niyabo?

> Babebuthene ekamelweni eliphezulu,
> Bekhuleka eGameni laKhe, i . . .
> Babhaphathizwa ngoMoya oNgcwele,
> Namandla enkonzo afika.

281 Niyabo? O, yilokho enikufunayo manje. Futhi ningaba nakho, khona manje. Ungowenu, khona manje.

282 Manje, bazalwane, yenyukani. Masithi thina, sonke manje, futhi sibeke izandla zethu phezu kwalababazalwane, futhi sikhulekele ukuthi bemukele uMoya oNgcwele. Yenyukani ngqo, bazalwane. Yenyukani ngqo.

283 Manje, lonke ibandla, phakamisani izandla zenu manje, wonk'umuntu! . . .? . . .

284 Baba wethu waseZulwini, eGameni leNkosi uJesu Kristu, gcwalisa yonke inhliziyo lapha ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele.

285 Yemukelani uMoya oNgcwele. Yemukelani uMoya oNgcwele, lababantu lapha omile nabalinde uBukhona namandla kaNkulunkulu acwilise izimpilo zabo.

